


SITHANDA UKUBONA UJESU

 Ngiyabonga, mfowethu. Ningahlala phansi. Impela kuyinhlanhla ukuba lapha eGrass Valley kulobubusuku, ukumela iNkosi noMsindisi wethu, uJesu Kristu; ukukhulekela abantwana bakaNkulunkulu abagulayo, isiguli sikaDokotela; nokujabulela lenhlanganyelo ndawonye, ngalezizinsuku ezinhlanu esizithembisile.

² Ngiletha imikhonzo evela kubo bonke abanye abahambi kuzungeze ezindaweni ezahlukene zomhlaba lapho ngibekhona. Nokwethemba... Futhi izinkulungwane eziningi zabantu zikhulekela impumelelo yalomhlangano lapha, lobu ubusuku. Ngiqinisekile, kanye nemikhuleko yabo bonke abanye, nathi uqobo, ukuthi uNkulunkulu uzohlangana nathi futhi asibusise.

³ Futhi asizi manje ukuzomelela noma yiliphi ibandla elithize, noma asizi ukuzozibiza “ngabaphulukisi.” Siyeza, simele uKristu. Futhi siyeza, futhi, hhayi ukuzophulukisa abagulayo, kodwa ukukhulekela abagulayo, nokwenza esingakwenza ukusiza ukwenza impilo ibe lula kakhudlwana kumuntu ngamunye. Futhi ngiqinisekile ukuthi nizoba yisibusiso kithi. Futhi sithemba ukuthi sizoba yisibusiso kini.

⁴ Futhi manje bengicabanga nje, selokhu kade singale eCalifornia lolu hambo lokugcina, ukuthi bekuwukuthi abantu bathanda ukufika ekhaya kusenesikhathi. Manje, ekhaya, nezehlukene, izindawo eziningi zezwe, uthola abantu behlukene. Abanye babo, bathanda nje ukukuzwa ushumayela; angikhathali uma ungabakhulekeli ngisho nabagulayo, bagcine nje cishe amahora amane noma amahlanu, ushumayela, lokho—lokho kumane kubanelise kahle. Kodwa ngapha, kulimaza ngempela; babonakala njengokuthi nje, “Intshumayelo emfushane nje, futhi kukhulekelwe abagulayo, futhi asibuyele ekhaya ngokushesha impela ngoba ngifanele ngibuye futhi.” Futhi yonke into ibonakala iphuthuma kakhulu ngapha. Siyaphi sonke na? “Phuthuma, phuthuma, phuthuma, phuthuma!” Mhlawumbe, iNkosi ithanda, ngifuna ukushumayela ngisengapha, *Ukudedela Ingcindezi*. Ngicabanga ukuthi yilokho—yilokho esifanele sikwenze, ukuthi ukwehlisa.

⁵ Ngisanda kuba nengozi, emavikini ambalwa edlule. Ngiyakuthanda ukudubula okudutshulwayo, ukuzingela. Ngangisanda kunikezwa i—isibhamu esikhulu, okwakukade kuyisibhamu esiphinde sabholwa yiNkampani yakwaWeatherby ezansi lapha. Futhi ngayiphakamisa into, ukuba ngidubule, futhi yaqhuma ebusweni bami. Futhi sasakaza umbhobho cishe amayadi angamashumi amahlanu, ngaphambili kwami, nesibambo cishe ebangeni elifanayo ngemuva kwami, futhi

sasakaza izihlahla nakho konke okuzungezile, lapho into iqhuma khona. Futhi nje umusa kaNkulunkulu ayizange ingisakaze ngendlela efanayo, ngoba kwakuseduze *kangako* neso lami ngenkathi iqhuma, okokulengisa, isipopolo sibheke phezulu, idubula.

⁶ Futhi ngaba nomcabango omncane kukho. Niyabona, i—isibhamu esikhulu empeleni kwakungesona isibhamu esikhulu iWeatherby. Sasibholiwe nje ukuba sibe yisibhamu esikhulu iWeatherby. KwakuyiWinchester imodeli seventi-fayifi, kini bafo abazingelayo. Futhi nganginikezwe umfowethu olungileyo waseCalifornia ogama lakhe lingu-Art Wilson. Wasinika indodana yami, uBilly Paul, itu-fifti-seveni Roberts. Futhi ngakho bona... UBilly uyinxele, futhi akakwazanga ukusisebenzisa, ngakho wathi, “Baba, ngizokunikeza sona nje.”

⁷ Awu, bengi—bengihlala njalo ngifuna isibhamu esikhulu iWeatherby, kodwa ngaba nomuzwa sengathi angisoze ngakwazi ukusithenga esisodwa. Futhi khona-ke uma abanye babangane bami bebengithengele eyodwa, bengingeke ngifune ukuthi bakwenze, ngoba ziyizibhamu ezibizayo. Futhi njengoba bengivame ukusho, “Nginabangane abayizithunywa zenkolo abangenazo izicathulo ezinyaweni zabo futhi a—angikwazi ukuvumela umuntu othize ukuthi akhokhe imali engako ngesibhamu esikhulu, mina ukuba ngizingele ngaso noma ngidubule ngaso, lapho nginabangane abangenazo ngisho nezicathulo.” Ngakho, bengingeke nje ngikwenze.

⁸ Kodwa umngane wami wathi, “Ngingayithatha leyo modeli seventi bese ngenza isibhamu esikhulu iWeatherby ngayo. IWeatherby iyakwenza laphaya, futhi iyakuqinisekisa.” Ngathi... Wathi ngeke kungibize, cishe “amadola ayishumi, ayishumi nambili.”

Futhi ngathi, “Qhubeka.”

⁹ Ngakho wayinikeza, wayisa enkampanini futhi baphinde bayibhola. Okokuqala, yavele yaqhuma kahle impela. Ngakho kwakungesikho, kwakungafanele kube njalo... Okuthile okunengcindezi ndawo ndawo.

¹⁰ Manje isifundo sami kulokho yilokhu. Niyabona, yayinengcindezi enkulu kakhulu, yaqhuma. Niyabo? Asiyifuni ingcindezi enkulu kakhulu, i—izoqhuma.

¹¹ Futhi enye into, ngithanda ukusho lokhu, kungahle kungenise iphuzu elincane lemfundiso. Niyabo, ukuba lesosibhamu esikhulu sasiqalwe ekubunjweni, iWeatherby maginamu, ngabe asiqhumanga. Kodwa, niyabo, kwakungenye into ethize ingxenye nje yendlela eyaguqulwa, futhi yingakho ingakwazanga ukumelana nengcindezi.

¹² Futhi ngikholelwa enkolweni ukuthi asipheshi. Siyafa futhi siyazalwa futhi, bese kuthi-ke singumKristu ongamelana nayo yonke ingcindezi uMoya oNgwele afuna ukuyifuqela

ngaphandle. Ngakho ngi—ngicabanga ukuthi sifanele sibuyele ekuqaleni, kungesikho nje ukuzama ukwenza okuthile ngento ethize engesiyo. Sinenkolo eningi kakhulu yemizwa namuhla, esikhundleni sezehlakalo zangempela sokuzalwa ngokusha noNkulunkulu. Futhi ngakho ndawo ndawo emgwaqeni into encane izofika, izobangela ukuvuza okuncane, futhi iqhumise ingcindezi ibuyele emuva, futhi uzozithola usuqhunyiswa. Ngakho sikholelwa ekuzifeleni wena kwangempela nayo yonke imicabango yakho nakho konke okunye, vele ufe nya futhi uvumele uMoya oNgcwele ukwenze kabusha. Nje, u—ungumKristu ozelwe ngokusha, yilokho oyikho, unesehlakalo noNkulunkulu owaziyo ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Futhi yilokho esikukholwayo.

¹³ Siyalikholwa iBhayibheli, futhi siyakholwa ukuthi Leyo yiNcwadi kaNkulunkulu. Thina, sihlala nje neBhayibheli ngqo. Manje, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu angenza izinto Angazilobanga eBhayibhelini. Manje, UnguNkulunkulu, Angenza noma yini Ayifisayo. Kodwa uma nje ngingaMbona, esikhathini sokuphila kwami, enza lokho Akwethembisile, khona-ke ngiyazi ukuthi kulungile, niyabo, inqobo nje uma kuseBhayibhelini.

¹⁴ Manje, eTestamenteni eLidala, njengoba abazalwane abakhonzisayo bazi, ukuthi e—ebupristi bobuLevi, babenendlela yokwazi ukuthi ngabe umprofethi wayekhuluma iqiniso yini, noma iphupho lomphuphi laliqinisile. Babenalokho okwakuthiwa yi—Urimi yeThumimi. Manje, lokho sekuphikisiwe lokho okwakuyikho. Kodwa iphuzu elikhulu, kunawo wonke, nephuzu elinokuziphatha okuhle kakhulu engikwazi ukulibona, nendlela efaneleke kakhulu, yayingukuthi, babethatha isihlangu sesifuba u—Aroni ayesebethe; esasimele izizwe eziyishumi nambili ngamatshe okuzalwa ezizwe, futhi sasilenga ethempelini, esigxotsheni. Kwase kuthi-ke lapho umprofethi eprofetha, futhi khona-ke babengazi ukuthi ngabe kwakuyiQiniso, noma qha; manje, uma leyo nhlanganisela yezibani ibanekile lapho, yenza okungaPhezu kwemvelo. UNkulunkulu ungongaPhezu kwemvelo, ngoba UnguNkulunkulu, uMoya. Futhi uma lokho kuKhanya okungaPhezu kwemvelo kwakumelelwe lapho, njengothingo lwenkosazana lubaneka kulesi, khona-ke izwi, umprofethi wayeqinisile. Yileyondlela ayekhunjwa ngayo, noma umphuphi wayeqinisile. Kodwa uma kungabanekanga kwi—Urimi yeThumimi, khona-ke noma kuzwakala kungokoqobo kangakanani, bebengeke bakwemukele, ngoba akuzange kubaneke kwi—Urimi yeThumimi.

¹⁵ Manje, ubupristi bobuLevi banqamuka ekufeni kweNkosi uJesu. Manje siphila ebuPristini bukaMelkisedeki, uKristu. Manje namanje asinayo i—Urimi yeThumimi. YiLena manje, iBhayibheli. Niyabo, sifanele sihlale nomBhalo (singabeki

ukuhumusha kwethu siqu kuWo) ngendlela nje Olotshwe ngayo. Manje, ngiyakholwa ukuthi—ukuthi uNkulunkulu uzokwahlulela izwe ngolunye usuku ngoJesu Kristu. Ngiyakukholwa lokho. Ngi—ngikhoholwa ukuthi kuzofanele kube nomgomo Azofanele ahlulele ngawo, ngoba kuningi kakhulu okumelele uKristu, nokuningi kakhulu.

¹⁶ Manje, isizinda sami, um-Irishi, ngakho abantu bakithi ngaphambi kwami babengamaKatolika. Lapho ngisengumfanyana; mhlawumbe nawufunda umlando ngempilo yami, banawo lapha ezincwadini, nokunye nokunye. Ngehlela ebandleni lom-Irishi futhi ngezwa ukuthi umpristi wayethini. Ngabe sengiwelela ebandleni leLuthela, ngezwa ukuthi wayethini, umelusi weLuthela. Futhi kwakukade kukhona umBaptisti omncane emuva ndawo ndawo esizukulwaneni sethu, ngakho bona... Ngawelela ebandleni leBaptisti. Ngaya emabandleni ahlukahlukene. Awu, wona, ngalinye, ehlukele kwelinye ngalinye. Manje, ngamunye wayefuna ukusho ukuthi lelobandla laliqinisile impela.

¹⁷ Ngakho, manje, wonke ngeke abe ngaqinisile, kufanele kube khona okungalungile ndawo ndawo. Futhi ngiyathola manje, cishe kukhona amahlelo angamakhulu ayisishiyagalolunye nento ehluke, ngakho ngicabanga ukuthi kufanele kube khona okuthize okungalungile ndawo ndawo. Isizathu, uma lokhu, bonke bangena ngalelibandla... .

¹⁸ Manje satshelwa, njengamaKatolika, ukuthi—ukuthi—ukuthi “uNkulunkulu usebandleni laKhe. Futhi yilapho uNkulunkulu ekhona, ebandleni laKhe.” Ngakho uma uNkulunkulu esebandleni laKhe, yiliphi kuwo eliyiBandla laKhe na? Ngamunye wabo uthi i “bandla.” Ngakho ngangazi into eyodwa... Manje yilokho nje umpristi akusho, “UNkulunkulu usebandleni laKhe.”

¹⁹ Kodwa iBhayibheli lathi, “UNkulunkulu useZwini laKhe.” Futhi Washo ukuthi, “Noma ngubani oyakwengeza noma yini kuLeli, noma asuse noma yini kuLo, okufanayo kuyokhishwa eNcwadini yokuPhila, kuye.” Ngakho ngikhoholwa ngenhliziyo yami yonke ukuthi LeliZwi linguNkulunkulu esimweni esibhaliwe. Manje, kungani ngisho lokho yingenxa yokuthi akekho umuntu ongcono kunezwi lakhe, akangaphezu kwezwi lakhe. Uma ningeke nithathe izwi lami kunoma yini, khona-ke ningabi nakusebenzisana nami, niyabo, ngoba ningeke ningikhoholwe. Futhi leyo yinto efanayo, ngifanele ngikhoholwe ukuthi Leli yiZwi likaNkulunkulu, futhi ngiyakhoholwa.

²⁰ Manje iBhayibheli lathi, kuJohane oNgcwele, isahluko 1, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu,” khona-ke Lowo kwakunguKristu, noKristu uyiZwi. Khona-ke uma Ehlulela izwe ngoKristu,

kuyofanele kube ngeZwi. Niyabo? Ngakho, yileyondlela esiLikholwa ngayo, nasekufundiseni kwethu.

²¹ Manje sizoba nesifushane nje, masinyane njengoba siphuma... Kuyini okungokwabo, ezikhathini zangempela, bazalwane, zokuphuma lapha, cishe ngelesibili nqo noma okuthize okufana nalokho na? Hhe? Ihora lesibili nqo na? Bebehleka, ngakho ngicabanga ukuthi cishe ihora lesishiyagalolunye noma ligamenxe ihora lesishiyagalolunye, into ethize enjalo, cishe isikhathi esivamile sokuphuma. Lokho kungaba cishe emizuzwini engamashumi amathathu nanhlanu.

²² Kulobubusuku, mina ngiyisihambi phakathi kwenu, nokho angizwa ukuthi ngiyisihambi. Ngizizwa ukuthi ngingumfowenu. Futhi manje ngifuna nilandele engikushoyo emBhalweni. Khona-ke uMlayezo cishe uzohluka ngokuphelele kunalokho ebenikulindele, kodwa kuhloleni ngomBhalo. Kuzohambisana nomugqa ofanayo eniwuzwile. Ngizovele ngiKufunde emBhalweni, bese-ke ngingazami ukuKuchaza, nje ngikuvumele Kuzichaze Khona.

²³ Njengokuthengisa umkhiqizo. Uma unomkhiqizo ukuba uwuthengise, uma umuhle, uzozithengisa wona. Akumele wenze ukukhangisa okuningi kakhulu ngawo. Ngithole okuningi kwalezo zinto zokukhangisa, ukuthi ngi—ngihamba ngizungeza, ngibone i...wonke umuntu uyi “ndoda yehora,” futhi “lo umlayezo,” nakho konke lokho, ngize ngizibuze ukuthi ubani. O, ngikhohla ukuthi uKristu uyiNdoda yehora, futhi bekuhlezi kunjalo. Futhi u—ubukhazikhazi obuningi nezinto eziningi akumele kufakwe.

²⁴ Nganela ngalokho ngesinye isikhathi. Kini bodade... Ngi—nginomkami, unathi, futhi ngimthanda ngempela yena nabantwana bami. Futhi ngakho ngihlala ngifuna ukumsiza, futhi ngiyisandla esingakwazi kakhulu ukusiza. Futhi ngangi... Ngiyazi ukuthi unokuningi okumele akwene, nezinganyana, ukulungisa konke, ukulala ebusuku lapho ngisekhaya. Ngacabanga ukuthi ngizomsiza ukuwasha izitsha, kuphela ngiyakuzonda ukukwenza kabi njengani. Futhi ngacabanga, “Awu!”

²⁵ Futhi umama wayevame ukungimisa phezu kwebhokisi elincane ukuze ngiwashe izitsha lapho ngisengumfanyana, futhi ngacabanga, “Uma ngike ngashada, ngizowuyeka manje lowo mkhuba khona manje.”

²⁶ Kodwa nakhu, ngiyamthanda umkami ngendlela engangimthanda ngayo umama wami, kuphela njengonkosikazi, nomama wami. Ngabe sengicabanga, “Awu, ngizomsiza uma ngikwazi.”

²⁷ Futhi ngabona okuthile ohlelweni ngesinye isikhathi, u—uhlelo lwethelevishini, lapho ngangilinde khona e—ukuba indiza iphume, futhi babenethelevishini ihlezi laphaya nengaphambili

elikhulukazi, ingilazi enkulukazi kuyo, futhi kwathi, “Sebenzisa lezi zihlanzi ezithile, akukho kuwasha, akukho kuhlambulula, akukho kusula, akukho lutho. Vele ukufake emanzini, kucwilise, kukhiphe, yilokho kuphela okumele ukwenze.”

²⁸ Ngacabanga, “A-o! Umkami usezongithanda ngempela kusukela manje kuqhubeke, ngoba ngizomkhombisa indlela yokugeza izitsha.” Ngakho, ngazitholela ibhokisi lakho, ngosuku olulandelayo lapho ngifika ekhaya. Ngazitholela ibhokisi ngaphambi kokuba ngifike ekhaya, ngalifaka ngaphansi kwejazi lami, ngase ngingena.

²⁹ Ngakusasa ekuseni, ngathi, “Ungakhathazeki, s’thandwa. Ngilapha impela ukuzokugezela izitsha. Yilokho kuphela okumele ukwenze. Manje vele uthi shelele uphumele lapho bese uthola umshanelo bese uqala uqhubeke. Ngaphambi kokuthi ngiye ehhovisi noma ngiqale ukushaya izingcingo zami, ngizoqeda izitsha ngokuphazima kweso.”

³⁰ Ngakho ngathola le nto futhi ngafunda kuyo, niyazi, “Faka izipuni ezimbili ezigwele.” Futhi ngacabanga, “He, ngizokwenza umsebenzi wangempela ngakho,” ngathela cishe—cishe uhhafu webhokisi lapho, ngakugoqoza *kanjalo*; ngathola zonke izitsha ngase ngizifaka phansi kanjalo, amagwebu afika aphakama *kangako*. Ngacabanga, “Mfana, imizuzu embalwa nje manje, futhi konke engifanele ngikwenze nje ukuzikhipha bese ngizibeka etafuleni futhi.” Izinganyana zazidle amaqanda okwesidlo sasekuseni; ngazikhipha, kwakunamaqanda amaningi njengoba ake abakhona.

³¹ Ngakho ngathi, “Lapho ngibona noma yini ikhangiswe kakhulu, ngivele ngiyidlule kusukela lapho kuqhubeke, ungazikhathazi ngakho, ngoba ngiyazi ukuthi akusebenzanga kulokho.”

³² Futhi ngakho ngezinye izikhathi ngicabanga ukuthi uma nje sikhuluma ngoJesu futhi sivumele abantu babone ukuthi Ungubani, nalokho—lokho Ayikho, futhi ngikholwa ukuthi lokho kuzo. . . Yena, Uzokwenza konke okunye kwakho. Uzo, uZoZiletha, ngoba, “Bonke uBaba aNgiphe bona bazoza kiMi, noma kanjani.” Niyabo, yilokho uJesu akusho. “Futhi akekho ongeza ngaphandle kokuthi uBaba waMi ambize.” Ngakho into kuphela esiyenzayo ngukuhlwaneyela nje iMbewu, futhi siyidedele ihambe.

Manje, ngethemba ukuthi nizongena ezicingweni futhi nishayele abantu.

³³ Futhi into esemqoka lapha akusikho ukukhulekela abagulayo manje, lokho kungenye yezindawo eziseceleni, kodwa into esemqoka wukuthola sonke isoni esingasithola ukuba sazi iNkosi uJesu njengoMsindisi waso. Yilokho okusemqoka. Okwesibili, ukuthola wonke umuntu owemukele uKristu njengoMsindisi wabo, futhi engagagwaliswa ngoMoya

oNgcwele, ukuba bona bagewaliswe ngoMoya oNgcwele. Futhi lokho yi—lokho okwesibili kwakho. Bese kuthi into yesithathu, ukukhulekela bonke abantu abagulayo esingabakhulekela. Futhi, ngalokho, sethemba ukuthi uNkulunkulu uzosinika isikhathi esikhulu kulomhlangano. Futhi ngicabanga ukuthi kukusihlwa ngabunye bese kuba iSonto ntambama, ngiyacabanga, ku—kunjalo.

³⁴ Ngifuna ukubonga abazalwane bami lapha, abefundisi, ngokungimema lapha. Futhi ngibonga uNkulunkulu ngokuhola kokuza lapha. Manje, umphathi lapha, uMnu. Borders, sibe nencwadi egcwele izimemo emhlabeni jikelele, kodwa ngandlela thize Okuthize kwakhuluma kimi ngeGrass Valley.

³⁵ Futhi masinyane, umngane wami, umndeni wakwa-Arganbright ezansi lapha phakathi ngaseLos Angeles, wangibiza futhi wathi, “Uma ungazange wenze uhambo lwakho ngokuphelele lokudlula, ngifisa sengathi ungama eGrass Valley.”

³⁶ Ngafonela umphathi, ngamfaka kulayini, ngathi, “Usudlulile lapha na?”

“Qha.”

Ngathi, “Ngena.” Futhi nakhu la sikhona.

³⁷ Manje lokho iNkosi ezokwenza, angazi. Kungahle kube nomuntu oyedwa lapha Engowayo, emzeleyo. Ngethemba ukuthi ngumphakathi wonke Ezowusindisa.

³⁸ Manje, phezu kwalokhu, asikhothamise amakhanda ethu futhi sikhulume kuMqambi ngaphambi kokuba sifunde iZwi laKhe.

³⁹ Baba wethu waseZulwini, ngempela kuyinhlanhla esinayo, ukuma eBukhoneni baKho, kulelihora lokuvala lomlando walelizwe, futhi ngiKubiza “uBaba,” futhi ngazi ukuthi thina si—sisondelela kuWe ngeNdelela eyanele konke, nesiqinisekiso esibusisiwe ukuthi uJesu, iNdodana yaKho, yathi, “Uma nicela utho kuBaba eGameni laMi, Ngizolwenza, nizophiwa lona.” Khona-ke siyazi, Baba, uma sicela eGameni leNkosi uJesu, ukuthi isicelo sethu sizophiwa. Manje singefune ukucela noma yini ephambene nentando yaKho. Kodwa siyakholwa, emva kokuba Usihola lapha, ukuthi kuyintando yaKho ukusindisa abantu, nokuphulukisa abantu, nokugewalisa abantu ngoMoya oNgcwele, nokuzitholela udumo kuWe uqobo. Futhi silapha ukwenza konke Osiholela ukuba sikwenze. Ngakho ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosisombulela iZwi laKhe, nentando yaKho, kanye neZwi laKhe, ukuze sazi ukuthi intando yaKho imayelana neZwi laKhe. Sibusise ndawonye manje. Thethelela izono zethu.

⁴⁰ Futhi kulobubusuku, njengoba sikhala phansi kulesisakhiwo, sikhulekela ukuthi Uzobusisa lesisakhiwo.

Nkulunkulu, kungukuthi mhlawumbe ihholo elikhulu, kodwa manje sesinikezelwe inkonzo kaNkulunkulu uSomandla, ukuba yindlu yesonto lapho kunikwa khona izinhlonipho nothando nenhlonipho yokuzithoba kuSomandla. Siphe, Nkosi, ukuthi wonke umuntu odabula kuleminyango ngalezi izinsuku ezinhlanu noma eziyisithupha ezilandelayo, uzowela ngaphansi kokulahlwa icala ngendlela yokuthi ngeke bakwazi ukuphuma esakhiweni ngaphandle kokunikela izinhliziyzo zabo kuKristu.

⁴¹ Siyakhuleka, Baba, ukuthi wonke umuntu ogulayo ohamba kulesisakhiwo, nalabo abangena nabanye ezinhliziyweni zabo, bekhuleka, ukuthi iNkosi uJesu ebusisiwe izoba khona ukuphulukisa abagulayo. Gcwalisa inhliziyzo yawo wonke umuntu ngoMoya oNgewele.

⁴² Futhi, Nkulunkulu, badonse baphume kulolu oludakiwe, uthando oluhlanyiswa yisono, izwe elithanda injabulo, ngaphambi kokuba kwephuze kakhulu, ngaphambi kokuba izintaba zidilizwe, ngaphambi kokuba ulaka olukhulu lukaNkulunkulu luthululwe phezu kwesizukulwane esingakholwayo. Nkulunkulu, kusondeze kakhulu kithi kuleliviki ukuthi sizokubona, nezinhliziyzo zethu zizogwaliswa kakhulu, kuze kuthi wonke umuntu ophakathi lapha uzoba ngumfundisi esitaladini nakomakhelwane, ukuletha abanye kuKristu.

⁴³ Asazi noma ngabe siyoke siyiqede imvuselelo lapha, noma qha, uze Ufike. Kodwa sazi lento eyodwa, ukuthi ngelinye ilanga Uzofika, futhi asazi ukuthi hora lini lokho okuyoba ngalo. Kodwa asiphile ihora ngalinye ukuthi, ukuba bekuyilelohora, besiyobe silungele ukuhamba siyoma eBukhoneni baKho, ukukuzwa kuthiwa, “Wenza kahle, nceku, yaMi enhle nethembekileyo; ngena ezinjabulweni zeNkosi, elungiselelwe wena kusukela ekusekelweni komhlaba.” Siyazinikela, kanye nalesi sakhiwo, neZwi laKho, ekudunyisweni nasenkazimulweni kaNkulunkulu, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

⁴⁴ INkosi inibusise. Manje sifisa ukufunda omunye umBhalo lapha, otholakala eNcwadini kaJohane oNgewele, isahluko se 12 nevesi lama 20.

⁴⁵ Futhi indikimba yethu—yethu yile, unyembezi. . . indikimba yethu yomkhankaso ingukuthi, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.” Manje, lokho ngamaHeberu 13:8, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.” Manje uJohane oNgewele 12:20.

. . . kwakukhona amaGreki athile phakathi
kwabenyukela khona . . . umkhosi:

Kwafika okufanayo . . . kuFiliphu,
owayengowaseBethesda, eBetsayida laseGalile,
bamncenga, bathi, Banumzane, sithanda ukubona
uJesu.

46 Manje, ngifisa ukunikeza manje, emizuzwini embalwa elandelayo, inkulumo encane nje ehlelekile, ekusekeleni nokwendlalela. Sizogala, njengoba kwakunjalo, ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Futhi njalo, uJesu, ngiyakholwa, enkonzweni yaKhe, cishe amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili ayo, wayesekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu.

47 Futhi njengoba umngane wami olungile omdala, uMfowethu Bosworth, okungukuthi abaningi benu maKristu niyamazi, wayevame ukuthi, “Wena njalo, ukubamba inhlanzi, awuzibonisi ihhuku, uzibonise isicupho. Futhi inhlanzi ibamba isicupho, futhi ithole ihhuku.”

48 Ngakho yileyo ndlela esizama ngayo ukubambela uKristu amaKristu, kungezimangaliso zokuphilisa ngokukaNkulunkulu, ukukhombisa ubukhona baKhe. Bese kuthi-ke, kulokho, bayazi ukuthi umuntu angeke akwazi ukwenza lezozinto, ngakho kubamba umphefumulo wekholwa, futhi liyakwamukela phezu kwalezo izisekelo. Ngakho manje, ukuqala ngakho nje, ngifuna ukwethula inkulumo yokuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

Futhi lamaGrecki athi, “Mnumzane, sithanda ukubona uJesu.”

49 Manje, lawomaGrecki abeyoveza kahle imicabango yethu lapha kulobubusuku. Angikholwa ukuthi kukhona umuntu lapha ngaphandle kwalowo ongafuna ukubona uJesu Kristu. Ukuthola nje ukuthi bangaki phakathi lapha abake bezwa ngaYe, bangathanda ukuMbona, ngifuna nje ukuthi uphakamise isandla sakho. Bonani nje, kungamaphesenti ayikhulu. Akekho ongake akwazi ukuzwa ngaYe... LeloGama elithandekayo lisenza sifise ukuMbona!

50 Kukhona okuthize ngoKristu okungekho komunye umuntu. Wayehlukile. WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi ku—kukhona okuhluke kakhulu ngaYe ukuthi omunye umuntu akabonakali enakho njengoba Wayenakho. Futhi sinoMoya, qonda, kodwa sinaWo ngesilinganiso. UnaWo ngaphandle kwesilinganiso. Wayengu-Emanuweli, uNkulunkulu ephila emzimbeni kaKristu Jesu, uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. UKristu wayengumfanekiso kaNkulunkulu oveziwe, ebonakalisa uNkulunkulu kubantu. Lokho uNkulunkulu ayeyikho, bakubona kuKristu, iNdodana yaKhe. Wayengogcotshiweyo. Igama *Kristu* lisho “Ogcotshiweyo.”

51 Futhi manje uma lawomaGrecki, eMfuna... Manje, manje ake sibeke eZwini ngalinye. Lawo maGrecki, efuna uJesu, afika komunye wabafundi baKhe, okwakunguFiliphu, waseBetsayida. Futhi wa—wayefuna uJesu, ngakho weza kumfundi othile, futhi lomfundi wamyisa kuJesu. Uma leyo kwakuyindlela yokubona uJesu, kulawo maGrecki, futhi sifisa ukubona lowoJesu ofanayo,

neBhayibheli lithi “Unguye izolo, namuhla, naphakade,” pho kungani singaMboni na? Manje wena . . .

⁵² ImiBhalo ayinakuqamba amanga. IyiQiniso. Ngiyakukholwa lokho. Futhi uma lemiBhalo ubunephutha, khona-ke bengizobe ngenza enye into kulobubusuku ngaphandle kokuma lapha ngimele Lokhu. Kodwa ngikholwa ukuthi Iqinisile, iqinisile impela. Ayidingi kuhunyushwa. Iyindlela Efanele ibe ngayo, ilotshwe nje phakathi lapha, ngoba uNkulunkulu ukubhekile ukuthi Ihlala ngaleyondlela. Manje qaphelani.

⁵³ Bangaki abakholwayo ukuthi uNkulunkulu akanasiphelo, unamandla onke, ukuyo yonk’indawo, wazi konke na? Impela. Manje, UnguNkulunkulu, ngakho-ke isinqumo saKhe sokuqala kunoma yini sifanele sihlale sinjalo, ngoba isinqumo zaKhe ziyobe ziphelele, ngoba Akukho angakwenza ngaphandle kokuphelela. Yilokho kuphela Ayikho, ukuphelela. Akasoze aguquka. Manje nakhu lapho amathemba ethu akhelwe khona eZwini. Uma uNkulunkulu ake abizelwa enkundleni, ukwenza isinqumo nganoma iyiphi into ethize, isinqumo saKhe sokuqala sifanele sihlale sinjalo. Akusoze kwaguquka. Ngaphambi nje kokuba sifinyelele emcabangweni, cabangani ngalokhu.

⁵⁴ Ngenkathi uNkulunkulu, ensimini yase-Edene, ngenkathi Ebizelwa insindiso ka-Adamu no-Eva, Wayenekhambi elilodwa, lelo kwakuyigazi. Futhi Akakaze akuguqule. Phakade, yi-yigazi! Angeke neze akuguqule.

⁵⁵ Ngenkathi uNkulunkulu ebizwa, ukuba aphulukise indoda egulayo, wayiphulukisa ngokukholwa kwayo. Futhi Angeke neze akuguqule. Niyabo? Futhi uma Ephulukisa indoda eyodwa, ngenxa yokukholwa kwayo kuNkulunkulu ukuba akwenze, khona-ke Uzofanele aphulukise elandelayo, noma Wenza ngokungalungile ngenkathi Ephulukisa eyokuqala, futhi Wenza ngokungalungile ngenkathi Esindisa eyokuqala. Niyabo? Ngakho awukwazi . . .

⁵⁶ Siyaguquka. Si—siyilokho okubiza “ngokunesiphelo.” Futhi Ungongenasisiphelo. Ngakho Angeke aguquke, ngoba Uphelele. Senza isinqumo, bese sibona, “Awu, *lokho* kwakungalungile. Ngizokwenza ngalendlela, ngibe ngcono kancane.” Kodwa hhayi Yena. Okwakhe kokuqala kuphelele. Yileyo ndlela okufanele kuhlale kunjalo. Ngakho Angeke afunde okwengeziwe noma ahlakani phe ngokwengeziwe, njengoba sicabanga ukuthi siyenza, kodwa Uphelele kwasekuqaleni.

⁵⁷ Manje sizwa okuningi kakhulu ngoJesu kulezi zinsuku, nanoma yikuphi lapho uya khona. Manje, ngiyisithunywa senkolo, niyaqonda; lesi yisikhathi sami sesikhombisa ngizungeza. Manje, lokhu emasimi ezimishini, sithola abantu bekhonza izithixo nokunye nokunye, nezigidi zabo. Kodwa lapha eMelika sithola amabandla kuwo wonke amagumbi, ngalinye limele uNkulunkulu ngandlela thize, futhi bathola

imibono eminingi kakhulu eyehlukene ngaKho. Abanye bazama ukuthola uNkulunkulu ngenye indlela, kanti abanye ngenye. Impela kukhona indlela elungile ndawo ndawo. Kubophezelekile ukuba kube nendlela efanele ndawo ndawo.

⁵⁸ Ngoba, njengoba uDavide asho, “Lapho utwa lubizana noTwa, kufanele kube, kuqala, okuthile ukuphendula lolo bizo, noma ubizo belungebebikho.” Ngamanye amazwi, kufanele kube khona uMdali ngaphambi kokuba kube khona indalo. Niyabo? Kufanele kube khona Okuthile okufaka okudaliweyo kuwe, ngaphambili; uMdali ukuba abeke indalo, bese kuthi-ke kufanele kube nokuthize okusabela kulokho. Ngaphambi kokuthi kube khona i—i—isigwedlo emhlane wenhlanzi, kwakufanele kube namanzi kuqala ukuze ibhukude kuwo, noma yayingeke ibe nesigwedlo. Ngaphambi kokuba kube khona isihlahla esizomila emhlabeni, kwakufanele kube nomhlaba, kuqala. Futhi inqobo nje uma kukhona ukulambela enhliziyweni yomuntu, uNkulunkulu, kufanele kube khona uNkulunkulu ndawo ndawo ukuba asabele kulobizo.

⁵⁹ Futhi abaningi balapha kulobubusuku befuna ukuphulukiswa ngokukaNkulunkulu. Ukufunelani na? Ngoba kukhona okukutshelayo ngaphakathi, “Kukhona uMthombo ndawo ndawo.” Niyabo? Futhi inqobo nje uma kunokuthile kuwe, okukutshelayo, “Kukhona uMthombo ndawo ndawo,” kuzofanele kube nalowoMthombo, kungenjalo akusoze kwaba nalesosifiso kuwe. Niyabo, uMdali, ukudala okudaliweyo.

⁶⁰ Manje sithola abantu kulolusuku, belangazelela, bedonsa, begijima lapha nalapho, befuna, behwaphuna, beshintsha amabandla, beshintsha amaphepha namahlelo ehlukene, nokunye nokunye. Kwenzenjani na? Balambeke Okuthize, kodwa ababonakali bekwazi ukukuthola abakulambeleyo. Kufanele kubekhona leyoNto ndawo ndawo.

⁶¹ Manje, abanye namuhla bafuna uNkulunkulu ngezivumokholo zabo. Abanye abantu bacabanga ukuthi, ngezivumokholo zabo, bayo “Veke bedlule esivumwenikholo esithize, esithola uNkulunkulu.” Abanye bacabanga ukuthi, “Ukujoyina amahlelo athile, kuthola uNkulunkulu.”

⁶² Awu, uJesu wathola leyonto efanayo ngenkathi Efika emhlabeni. Wathola abaFarisi, abaSadusi, nokunye, izinqo ezehlukene, noma izinhlangano nezivumokholo zalolosuku. Wathini kubo na? “Ngamasiko enu niyenze ize imiyalo kaNkulunkulu.” Niyabo?

⁶³ Ngicabanga ukuthi ukuhlola uNkulunkulu ngesivumokholo noma ngehlelo, kuyinto kuphela ekwenzayo, ikulungisa ngokuyimfihlakalo kakhulu, bese-ke uthola ukuthi ibuya ngqo futhi iphike iZwi, ibuya ngqo futhi yenza iMiyalo kaNkulunkulu ibe yize. Ngokwesibonelo, uzama ukuthola uNkulunkulu lapho usho iSivumokholo sabaPhostoli. Bese-ke

uyabuya ukuzothola uMarku 16 ukuba enziwe abe ngokoqobo kuwe, “lezizibonakaliso ziyakulandela abakholwayo”; ngani, bazokutshela ngokushesha impela, “Awu, lezozinsuku zezimangaliso selwedlule!” Khona-ke kwenzani na? Kuthatha iMiyalo kaNkulunkulu bese kuyenza ize; niyabo, ayisebenzi, iMiyalo kaNkulunkulu.

⁶⁴ Umyalo wakhe, ongukuthi, “Hambani niye ezizweni zonke nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo.” Manje, iVangeli alifikanga ngeZwi kuphela, kodwa ngokubonakaliswa kweZwi, izibonakaliso zikaMoya oNgcwele owenza iZwi liphile. Niyabo, nguMoya othatha iZwi.

⁶⁵ IZwi laliwumcabango. Futhi umcabango ungukuthi. . . Izwi liwumcabango oveziweyo. Niyabo? Manje, kwakuyimicabango kaNkulunkulu, Ayezokwenza, khona-ke Wakuveza eZwini.

⁶⁶ Futhi manje lapho uMoya oNgcwele ebamba iZwi, Ulenza lifezeke futhi uyaLibonakalisa, futhi aLenze libe ngokoqobo, lonke iZwi likaNkulunkulu. Awukho umBhalo ngaphandle kwalowo okunikezwa ngokuphefumulelwa! Futhi lonke iZwi likaNkulunkulu liphelele futhi liqinisile, futhi Lizogwaliseka. Wonke amaZwi afanele agcwaliseke. “Kuzodlula amazulu nomhlaba,” kwasho uJesu, “kodwa amaZwi aMi awasoze ahluleka.” Wonke amaZwi aLo afanele agcwaliseke.

⁶⁷ Manje, khona-ke uma uNkulunkulu enza lokho, futhi sithola isivumokholo sethu khona-ke, uma sisho izivumokholo ezithile noma izinto ezithize esingezazo. . . Futhi anginalutho olumelene nalokho. Kulungile.

⁶⁸ Kufana nokudla ikhabe, njengoba indoda yekhaladi yasho lapho idla ucezu lwalo. Wathi, “Ucabangani ngakho, Mose na?”

⁶⁹ Yathi, “Belimnandi, kodwa ngokuqinisekile kusekhona elinye lalo.” Ngakho, kwakunganele ukwanelisa.

⁷⁰ Isivumokholo silungile, kodwa asanelisi nje uze wehlele eZwini. “Futhi umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa, kodwa ngalo lonke iZwi eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Yilokho umuntu azophila ngakho. IZwi likaNkulunkulu liyiSinkwa somuntu sikamoya semihla ngemihla, yiZwi likaNkulunkulu libonakaliswa.

⁷¹ Futhi ngenkathi uNkulunkulu enika u-Israyeli izwe lesithembiso, ngenkathi beseseGibhithe, kwadingeka balwe nalo lonke iyintshi lalelozwe. UNkulunkulu watshela uJoshuwa, kuJoshuwa 1, “Nomaphi lapho amathe onyawo lwakho enyathela khona, eNgikunike ukuba libe ngelakho.” Ngakho, *imilobo yezinyawo* isho “okungokwakho.” Abanye abantu bangathola nje, bafike kancane nje—emaphethelweni ezwe. Abanye bangathatha iNkemba ebanjwa ngezandla zombili futhi banqamule indlela yabo badabule amaFilisti nama-Amori baze bathathe yonke into. Yilokho esifanele sikwenze. Zonke izithembiso ngezethu. Sine. . . Imilobo yezinyawo ingeyethu.

Hamba uye phezulu futhi ukuthathe! UNkulunkulu usinike khona. Yisithembiso futhi yiQiniso, futhi kungokwethu.

⁷² Manje, khona-ke kulezivumokholo, bayabuya futhi, njengoba ngisho, futhi benze, ngesiko labo, iMiyalo kaNkulunkulu ize. Benza, bayakususa, bachaze konke bakususe.

⁷³ Kodwa impela ikhona indlela ethize yokwazi ukuthi yini iQiniso, ngoba umBhalo lapha uthi, “Unguye izolo, namuhla, naphakade.” Manje, ungeke wawuthatha lowomBhalo futhi uwukhiphe eBhayibhelini. Ufanele ukushiye eBhayibhelini, ngoba kungokwakho phakathi lapho. Futhi uma Uthi, “Usenguye,” Awusho ukuthi Usenguye ingxenye, Usho ukuthi “Unguye izolo, namuhla, naphakade.”

⁷⁴ Manje, khona-ke, sifuna ukubona. Ngingathanda ukuMbona engena esakhiweni kulobubusuku. Ngingathanda ukuMbona. Ubungeke wena na? Sishilo esikhashaneni esedlule, sizokwenza. Singathanda ukuMbona. Awu, khona-ke, uma Esethembisile, kungani thina singakwazi na? Yilokho i i-...Manje, uma nje sizovula amehlo ethu nezingqondo zethu okwesikhashana nje, ngikholwa ukuthi sizoqonda, futhi Uzongena futhi aZibonakalise enathi. Manje, bese-ke singahamba kulobubusuku, sithi, “Sithanda ukubona uJesu.”

⁷⁵ Bamtholaphi uJesu eTestamenteni eLidala; khona ngqo eTestamenteni eLisha, ngiqonde lokho? Kanye neZwi ngqo, ngoba WayeyiZwi. Manje, Wayengesilo iZwi ngendlela ababeLihlanganise ngayo, kodwa WayeseZwini ngendlela uNkulunkulu aLihlanganisa ngayo, ngoba WayeyiZwi eliphilayo.

⁷⁶ Manje, ngenkathi Ehlangana noSathane, Wahlangana naye eZwini. Wa—Wa—WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni; kodwa ngenkathi Ehlangana noSathane Akazange Asebenzise aMandla aKhe o—obuNkulunkulu baKhe, lokho Ayeyikho. Wathi, “Kulotshiwe ukuthi, ‘Umuntu kayikuphila ngesinkwa sodwa.’ Kulotshiwe ukuthi, ‘Uzakukhonza iNkosi uNkulunkulu wakho, uMkhonze yena yedwa.’” Ngenkathi Ehlangana noSathane, Wahlangana naye ngeZwi, ngoba WayeyiZwi. Manje, uLizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu. Manje, uMose wakhuluma ngaYe eZwini, manje, kuDuteronomi, isahluko se 18, ivesi le 15.

⁷⁷ UMose waloba iziNcwadi eziNhlanu zeTestamente eLidala, u-Eksodusi noGenesisise; uGenesisise, u-Eksodusi, uLevitikusi, uDuteronomi, uNumeri. Waloba iziNcwadi eziNhlanu ze—zeTestamente eLidala. Phakathi lapho, ngokuphefumulelwa okuvela kuNkulunkulu, waloba futhi washo *okwakukhona*, wayeseloba futhi washo *okwakuyobakhona*. Futhi lokho athi *kuyobakhona*, kwafezeka; ngakho siyazi ukuthi lokho *akushoyo*, kuyiqiniso. Ngokuba umuntu angabheka *ngapha* futhi abone

ukuthi kuzokwenzekani, futhi kuyafezeka, khona-ke lokho akusho emuva *lapho* kwakungukuphefumulelwa ngempela nakho.

⁷⁸ Manje, amaJuda onke afundiswa ukuba akholwe abaprofethi bawo. Basakwenza namanje. Njengoba uPawulu asho, “AmaJuda afuna izibonakaliso, namaGriki afuna ukuhlakanipha, nokunye nokunye. Sishumayela uKristu obethelwe esiphambanweni.”

⁷⁹ Manje, iBhayibheli laliwafundisile lawomaJuda, “Uma kukhona phakathi kwenu ongowomoya, noma umprofethi, Mina iNkosi Ngiyakuzibonakalisa kuye. Futhi—futhi eziprofethweni nemibono, amaphupho, nokunye nokunye, nalokho akushoyo kufezeka, khona-ke muzweni.” Manje, lokho kuwumqondo kuphela. “Kodwa uma kungenzeki njengoba eshilo, khona-ke ningamuzwa.” Isizathu, uNkulunkulu akanakuqamba amanga, UnguNkulunkulu. Kodwa uma umuntu esho into, futhi iyenzeka, bese-ke niyibhekisise kuye, ifezeka, ifezeka, ifezeke, khona-ke niyazi ukuthi angeke kwaba yilowomuntu. Lokho kufanele kube nguNkulunkulu. Ngakho uNkulunkulu watshela abaprofethi . . . noma, watshela amaJuda ukuba amlalele lowomuntu, ngoba wayengumprofethi othunywe nguNkulunkulu.

⁸⁰ Manje, uMose wayeyilowomprofethi omkhulu. Asinaso isikhathi sokungena kukho, impilo yakhe, ukukhombisa ukuthi wamfanekisa kanjani uKristu. Kodwa wayengumprofethi omkhulu. Futhi washo ukuthi, “iNkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami. Kuyakuthi yilowo nalowo ongayikulalela Lona uzonqunywa phakathi kwabantu.” Manje, manje uma uMose akhuluma, nabanye abaprofethi . . . NoMose, khumbulani, waloba uGenesis, futhi. Ensimini yase-Edene, “iNzalo yowesifazane yayiyochoboza ikhanda lenyoka,” nazo zonke izithembiso emuva phakathi lapho zikaMesiya ozayo, uMose waloba. Bese kuthi-ke abanye abaprofethi, abakhulu, abanjengo-Isaya, uJeremiya, nabanye nabanye, bonke bakhuluma ngoMesiya ozayo. Abaprofethi, okungukuthi, amazwi abo ayafezeka. Manje, bakhuluma futhi bathi Uyoba ngumProfethi lapho Efika. “Uyoba nguMprofethi onjengami,” Kwasho uMose. Yilokho Ayoba yikho.

⁸¹ Manje, uma sifuna ukubona uJesu namuhla, futhi iBhayibheli lathi, “Unguye izolo, namuhla, naphakade,” khona-ke kukhona indlela eyodwa kuphela yokukwenza. Hhayi . . .

⁸² Sivele nje nibeke eceleni izivumokholo zethu ezimbalwa nje, ihora manje, noma isigamu sehora. Sibeke eceleni izivumokholo zethu, sibeke eceleni imibono yethu yehlelo, nokunye nokunye, futhi asibuyele emuva futhi sithole ukuthi Wayeyini. Manje lokho kungaba . . . Lokho kungaba okunengqondo, bekungeke na? Lokho kungaba ukulunga. Hamba uyothola ukuthi Wayeyini, khona-ke sizokwazi ukuthi Uyini uma

singathola ukuthi Wayeyini. Kodwa indlela kuphela oyo... Uma Wayeyisivumokholo emuva lapho, khona-ke isivumokholo siqinisiile. Uma Wayeyihlelo emuva lapho, khona-ke kunjalo. Thola ukuthi kwakuyiliphi ihlelo noma ukuthi kwakuyisiphi isivumokholo.

⁸³ Kodwa siyathola, emuva lapho WayeyiZwi, ngakho UseyiZwi. Manje ngifunde kuJohane oNgcwele. Manje uma siphanya lapha esahlukweni 1 sikaJohane oNgcwele, futhi sizovele sithathe abanye ukuthi Yena, lokho Ayeyikho, esahlukweni 1 sikaJohane oNgcwele. Manje siyathola ukuthi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi,” njengoba sengike ngacaphuna, “uLizwi wayenguNkulunkulu; uLizwi wayenoNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.” Manje sithola ukuthi Wayeyini. Manje sesino “Lizwi enguNkulunkulu,” futhi “uNkulunkulu enziwe waba inyama wakha phakathi kwethu,” ngalezo zinsuku. Manje iBhayibheli lathi, “Usenguye izolo...” Lelo kwakuyiTestamente eLisha.

⁸⁴ ETestamenteni eLidala, uKristu, osenguye. UKristu, osenguye eTestamenteni eLisha. NoKristu, osenguye, kuze kube phakade. Khona-ke uma singabona “lokho Ayeyikho,” bese-ke “lokho Akade eyikho,” na “lokho Azoba yikho,” khona-ke sikutholile. Ngabe kunjalo na?

⁸⁵ UMose wathi, manje, “Uyoba njengami, uMprofethi onjengami.” Kwase kuthi lapho Efika, lokho uKristu *ayeyikho*, Wayefanele abe yilokho Yena...Khona-ke Wayefanele abe yilokho Ayeyikho ngaphambi kwalokho. Ngakho manje asiqale kusukela khona lapho, khona-ke sizobona ukuthi Uzoba yini phakade. Yileyo ndlela kuphela yokukwenza.

⁸⁶ Onguye izolo, manje lapha waye, sithola umlobi ongumHeberu, nguPawulu, ethi, “UJesu Kristu nguyena izolo,” ekhuluma namaHebheru. Futhi sonke siyazi ukuthi uJehova weTestamente eLidala, wayenguJesu weLisha, futhi nguMoya oNgcwele wanamuhla. NguNkulunkulu ofanayo ebonakaliswe nje ezikhundleni ezintathu ezechukene. Futhi, ngakho, uNkulunkulu ofanayo! Futhi konke uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthululela kuKristu, konke uKristu ayeyikho Wakuthululela eBandleni. Ngakho, niyabo, ungathola ngokushesha lokho Ayikho, “Onguye izolo, namuhla, naphakade.”

⁸⁷ Manje, kodwa sifanele sithole imvelo yaKhe, lokho Ayeyikho. Manje sonke siyazi, nabo bonke abafundi beBhayibheli bazovumelana, ukuthi iNsika yoMlilo eyalandela u-Israyeli ehlane, noma balandela iNsika yoMlilo, njalo, ukuthi leyo kwakuyiNgelosi yeSivumelwano eyakhuluma noMose esihlahleni esivuthayo, leyoNsika yoMlilo efanayo. Wena, uyavumelana nalokho na? Sonke siyavumelana. Awu,

Ingubani iNgelosi yeSivumelwano na? UKristu. “UMose walishiya iGibithe, ethi ihlazo likaKristu liyingcebo enkulu kunelaseGibithe.” Niyabo?

⁸⁸ Futhi manje ngenkathi Elapha emhlabeni, leyoNsika yoMlilo yenziwa inyama, yakha phakathi kwethu. Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi ngiya kuNkulunkulu.” Manje khumbulani, “izolo, namuhla,” niyabo. Uvela kuNkulunkulu, eNsikeni yoMlilo, Ubuyela kuNkulunkulu.

⁸⁹ Manje, emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka. USawulu waseTarsu, endleleni yakhe eyehlela eDamaseku, ukuyobopha abantu bepentekoste, endleleni yakhe endleleni yakhe eyehlela lapho, kwenzekani na? INsika yoMlilo, ukuKhanya kwamshaya phansi. Akekho omunye owaKubona. WaKubona. Kwakhipha amehlo akhe okwesikhathi. Kwakungokoqobo kakhulu kuye; ngenkathi bonke abanye bemi lapho, abakwazanga ukubona utho; kodwa Kwakhanya kakhulu kuye, Kwakhipha amehlo akhe. Futhi Wathi, “Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?”

Wathi, “Ungubani Wena, Nkosi?” Manje lalalani!

⁹⁰ “NginguJesu. Futhi kunzima kuwe ukukhahlela emeveni.” Uyakukhumbula lokho. Awu, naNgu, leyoNsika yoMlilo efanayo *eyayikhona*.

⁹¹ Manje-ke uma Enguye “izolo”; khona-ke ngosuku lukaPawulu, “namuhla”; Uzoba nguye “kuze kube phakade”! Ngakho leyoNsika yoMlilo enkulu, uNkulunkulu, iNgelosi yesivumelwano, iseyiyo namuhla njengoba Yayinjalo ngenkathi Ihola u-Israyeli. Qaphelani!

⁹² Manje sizoqala inkonzo yaKhe, kuJohane oNgcwele 1. Siyazi... Sizokweqa ubizo lwaKhe nokuzalwa, noJohane umBhaphathizi, futhi sithathele embhaphathizweni waKhe, bese angene ehlane, elingwa ngudeveli, abuye aphume emva kwezinsuku ezingamashumi amane nobusuku bokuzila ukudla ehlane. Wabuya waphuma futhi waqala inkonzo yaKhe. Manje asi—asilandele inkonzo yaKhe lapha. Masinyane, abantu baqala ukuphulukiswa ekukhulekelweni, nguYe.

⁹³ Futhi sithola ukuthi kwakukhona indoda egama layo linguSimoni, futhi weza kuJesu ngokumenywa ngumfowabo, u-Andreya. Futhi ngenkathi enyukela eBukhloneni bukaJesu. . . Manje khumbulani, nakhu kuza indoda yesihluthulelo. Manje siyaqonda, ngokweZenzo isahluko se 4, ukuthi wayengumuntu ongenalwazi nomuntu ongafundile. Sifundiswa ukuthi akakwazanga ngisho nokusayina igama lakhe. Manje, wayengesona isifundiswa. Wayengeyena umbhishobhi. Wayengeyena u—umpristi. Wayengumdobhi.

⁹⁴ UNkulunkulu uhlala ethatha into engelutho, futhi enze okuthize ngayo. UZibonakalisa ngalutho, ukuze noma ubani abone ukuthi nguNkulunkulu. Niyabo, Uthatha into engelutho.

⁹⁵ Futhi Wacosha lendoda engazi lutho. Manje Uzomenza kanjani lomuntu ukuthi azi ukuthi Nguye na? Isizathu, kwakukade kukhona ombombayi abaningi asebeke badlula. Futhi siye saba nabo phakathi neminyaka.

⁹⁶ Futhi noma nini lapho ucosha idola mbumbulu, bese ubheka lelo dola mbumbulu, uyakhumbula nje ukuthi lelodola mbumbulu lenziwe ngedola langempela. Ngokuba uma belingekho idola langempela, khona-ke lelo elimbumbulu bekungaba yilona u—umfuziselo welokuqala. Niyabo? Inqobo nje ubona umuntu othile elingisa noma edlala indima yomzenzisi, khumbula nje ukuthi kukhona umKristu wangempela ndawo ndawo. Niyabo? Ubona umuntu ethula uhlobo oluthile lwenqubo yezenkolo ka—kankulunkulu wamanga, noma uhlobo oluthile lwe—lwemizwa, isonto, okwenkolo, ukusebenzwa kwengqondo, khumbula nje, ngemuva lapho, ndawo ndawo, kukhona owangempela, uNkulunkulu woqobo. Qaphelani. O, ngiyakuthanda nje! Qaphelani.

⁹⁷ Manje kwathi nje, kwathi nje uSimoni...Ake sithathe umdlalo wasesiteji wasemuva kancane kaSimoni, umzuzu, eyikhehla. Uyise wayeyikhehla, naye. Futhi mhlasi mbe mhlawumbe ngolunye usuku, lapho ngifunda indaba encane ngaye; uyise wayengumdobu, futhi wayedonsa. Babedinga izinhlanzi, kabi. Ngakho bona, ngalolosuku babamba kakhulu. Babekhuleka njalo ngaphambi kokuba bayodoba. Futhi ngakho wayenezinye izikweletu ukuba azikhokhe, futhi wabamba i—isigejane esikhulu zezinhlanzi. Wahhala phansi eceleni kwesikebhe, wase egaxa uSimoni, wayesethi, “Simoni!” Igama lakhe kwakunguJonase, niyazi. Wathi, “Simoni, mfana wami, ngicabange ukuthi ngelinye ilanga ngiyobona uMesiya. Lelo bekuyithemba labantu bakithi selokhu saphuma eGibhithe, noma selokhu sazi ukuthi kwakukhona uMesiya othenjisiwe. Iminyaka eyizinkulungwane ezine isidlulile, ndodana. Amadoda aminingi amakhulu, abaprofethi, bafile, beMfuna. Bengicabanga ukuthi Uyofika esizukulwaneni sami. Kodwa ngiyaguga manje, mhlawumbe ngeke ngiMbone. Kodwa, Simoni, ngifuna ukhumbule, wena no-Andreya, ukuthi mhlawumbe Uzofika esizukulwaneni senu, ngoba manje sengimdala futhi sengilungele ukuhamba ngiyoba nabantu bakithi. Futhi ngizamile ukunikhulisa kahle bafana, ngazama ukunikhulisa eZwini. Manje lalalani. Manje, Simoni no-Andreya, ngaphambi kokuba lowoMesiya avuke, kuzoba nezinto eziningi eziqhubekayo ngaphansi kwegama lika ‘Mesiya,’ ngoba lokho kuyoba isitha. Kodwa ungakhohlwa, Simoni, wena no-Andreya njalo nihlala neZwi. Ungalishiyi iZwi. Khumbulani, uMesiya uzoba ngumprofethi njengoMose, ngokuba kunjalo

impela. Akunandaba, angase abe umdondoshiya omkhulu wesonto, futhi angakwazi ukuchaza amagama, angase akwazi ukwenza noma yini enjalo; kodwa iBhayibheli lathi, ‘Uyoba ngumProfethi onjengoMose.’ Amen. Manje yileyondlela oyoMazi ngayo.”

⁹⁸ Futhi ngalolosuku lapho uSimoni ekhuphuka, no-Andreya, eBukhloneni baKhe, noJesu emi lapho, U-Andreya wayemtshelile, “Simtholile uMesiya.”

⁹⁹ Futhi ngingacabanga ukuthi uPetru wacabanga kanje, noma uSimoni, njengoba wayenjalo ngaleyonkathi, “Manje kungenzeka ukuthi uhambe ekugcineni okujulile, Andreya. Ngizohamba nawe, futhi ngizokwazi.”

¹⁰⁰ Ngakho lapho ehamba phambi kukaJesu, uJesu wathi, “Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona.”

¹⁰¹ Kwakwenele lokho. Kwaba yilokho-ke. WaMkholwa futhi waMemukela, ngendlela yokuthi waba nezihluthulelo zoMbuso kamuva. Akazange athathe noma yisiphi isikole nanoma yini, wayenezihluthulelo zoMbuso. Ngoba, ngesambulo sikaNkulunkulu wayazi ukuthi lowo kwakunguMesiya, ngoba kwakunguMesiya wangokomBhalo. Wayengumprofethi, futhi babengakaze babe nomprofethi iminyaka engamakhulu amane, kusukela kuMalaki. Babekade bebenabaprofethi bamanga. Kodwa, umprofethi wangempela owakhuluma iQiniso! Futhi nakhu kwakumi uMuntu lapha Yena, kwathi nje Embonile, wayengazi nje kuphela ukuthi wayengubani, kodwa wayazi ukuthi wayengubani uyise omdala owayemesaba uNkulunkulu owayemyalile. Kwakuxazulula lokho! “Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu.” Niyabo?

¹⁰² “Igama lakho unguSimoni. Wena uyindodana kaJona.” Lokho kwakwenele ukumkhombisa. Manje yilokho uJesu akwenzile izolo, ukuZifakazela, ukuthi WayenguMesiya.

¹⁰³ Kwakukhona oyedwa owayemi lapho. Sizoshesha. Kwakukhona owayemi lapho, ogama linguFiliphu. Ngani, kwamjabulisa kakhulu! Yilowo esifunda ngaye lapha. Kwamjabulisa kakhulu kakhulu! Manje, kungenzeka ukuthi uFiliphu wathi, “Yisho, lokho, lokho kuyakuxazulula! Manje ngiqinisekile!”

¹⁰⁴ Wazungeza igquma, amamayela ayishumi nanhlanu. Wayenomngane ayefunda naye esikoleni, indoda elungile, indoda yomBhalo, indoda eqotho, indoda eyayazi umBhalo, futhi ithanda uNkulunkulu. Futhi ngiyambona engqongqoza emnyango, futhi—futhi uthi, “Uphi uNathanayeli na?” [UMfowethu Branham ungqongqoze epulpiti—Umhl.]

¹⁰⁵ Umkakhe wathi, “Uphume wangena e—egcekeni laphaya. Uyakhuleka.”

106 Wahamba wayomthola, futhi wayengaphansi komuthi. Futhi lapho esemtholile, wathi, “Wozani, nibone ukuthi nguBani esimtholile; uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

107 Futhi manje ngiyambona uFiliphu, noma, uNathanayeli ethi, “Manje, Filiphu, kungaba khona yini into enhle evela eNazaretha na?”

Wathi, “Woza uzobona.”

108 Manje, leso yisititimende esihle kunoma ubani. Ungahlali ekhaya ugxeke. Ungasukumi uphume. Hlala ulinde, futhi uthole ukuthi ngabe kuliQiniso, noma qha. Niyabo? “Woza, uzibonele.”

109 Awu, wazungeza ejikeni; ake sicabange ngengxoxo yabo. Ngiyamuzwa uFiliphu ethi ku—kuNathanayeli, “Nathanayeli, umBhalo uthi uMesiya uyoba yini na?”

“O, Uyoba u—Uyoba umProfethi ofana noMose.”

110 “Impela. Kulungile. Awu, loJesu waseNazaretha engikutshela ngaye, uyamkhumbula lowomdobi omdala owathenga kuye izinhlanzi, futhi akakwazanga ukusayina igama lakhe?”

111 “Yebo. O, impela, indodana kaJonase. Ngimazi kahle. Igama lakhe nguSimoni.”

112 “Wathi nje engangena eBukhoneni baloMuntu, Wamtshela ukuthi wayengubani, nangoyise. Ngeke kungimangaze ukuthi Ubengeke akutshele ukuthi ubungubani,” washo.

“Awu,” wathi, “manje, umzuzwana nje. Kuzofanele ngikubone lokho.”

113 Awu, ekugcineni, bafika emhlanganweni. Wathi nje engangena eBukhoneni bukaJesu, uJesu wathi, “Bheka, umIsrayeli okungekho nkohliso kuye.”

114 Manje ungahle ukuba wathi, “Awu, impela, Uyazi ukuthi ungumIsrayeli, indlela ayegqoke ngayo.” Bonke abaseMpumalanga bagqoka ngokufanayo, bonke bamnyama ngokwebala, futhi babenentshebe, neduku lamadoda, na—namajazi, nokunye nokunye, ngokufanayo nje. Futhi Wayezokwazi kanjani ukuthi wayeyindoda eqotho nelungile, engenankohliso na?

115 Wathi, Wathi kuye, “Bheka, umIsrayeli okungekho nkohliso kuye.”

116 Futhi kwayimangaza leyondoda yomBhalo. Wathi, “Rabi,” okusho ukuthi *thisha*, “wake Wangazi nini? Lokhu ukuhlangan kwethu kokuqala ngqa. Wake Wangazi nini?”

117 Wathi, “Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona.” Nakho la ukhona. Yilokho kuphela. “Ngikubonile,” amamayela ayishumi nanhlanu ukuzungeza intaba, ngayizolo. “Ngakubona ngenkathi wawungaphansi komuthi.” Manje, niyazi ukuthi wenzani na?

Wagijima wakhuphukela kuYe, wathi, “Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu! Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli!” Yilelo ihora. Ngani na? UngokomBhalo, Lowo nguye umprofethi athi uyofika. “Wena uyiNdodana kaNkulunkulu! Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli!” Akwenzi mehluko ukuthi bonke abanye bathini.

¹¹⁸ Manje, kwakukhona labo ababemi lapho, o, abaFarisi nabaSadusi, nababhishobhi, nanoma yini enye, indoda eyinhloko, abaholi abakhulu bezenkolo, abapristi abakhulu, nabapristi, nokunye, bemi ngalapho, base bebuka Lokho. Babazi ukuthi babefanele baphendule ebandleni labo. Kwadingeka babanikeze umbuz-...kwakumele baphendule umbuzo wabo. Ngakho niyazi ukuthi bathini na? Bathi, “Lo Muntu unguBelzebule.” Niyabo? Ngamanye amazwi, “Ungumbhuli, udeveli.”

¹¹⁹ Futhi uJesu waphendukela kubo, wayesethi, “Ngizonithethelela.” Niyabo, babiza uMoya kaNkulunkulu, owawenza lokho, umoya ongolile. Wathi, “Ngizonithethelela ngokwenza lokho. Kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyofika uzokwenza into efanayo, futhi izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo.” Izwi elilodwa elimelene naWo. Manje, lokho kwakungokomunye unyaka. Babheke.

¹²⁰ Manje, iBhayibheli lakusho lokho “IZwi likaNkulunkulu,” Hebheru 4, “libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili. IZwi, elalinguKristu, libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lisika kuze kufike emnkatsheni wethambo, noMahluleli wemicabango nezizindlo zenhliziyu.” IZwi! Lapho iZwi qobo lwaLo liya phambili, yilokho Eliyikho. Leso yisimemezelo, lokho ngukuqinisekiswa kweZwi. Futhi nakho kwakukhona iZwi lapho, lenziwe inyama phakathi kwabo, lenza khona impela Elathi Liyokwenza, futhi abaLibonanga.

¹²¹ Manje, khumbulani, kunezinhlanga ezintathu kuphela zabantu emhlabeni, lowo nguHamu, uShemi, nabantu bakaJafete. Siyakwazi lokho, uma silikholwa iBhayibheli. Bonke baqala kulabo bantwana abathathu, abantwana bakaNowa; umJuda, oweZizwe, nomSamariya.

¹²² Nimqaphelile uPetru ephethe izihluthulelo zoMbuso na? Owokuqala amvulela wona, kwakungamaJuda, ePhentekoste. Ngabe kunjalo na? Futhi ngenkathi uFiliphu ehla futhi washumayela kumaSamariya, babebhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu, kodwa babengakawemukeli uMoya oNgcwele namanje; futhi bathumela futhi babiza uPetru ukuba ehle futhi abeka izandla phezu kwabo, futhi bemukela uMoya oNgcwele. Ngabe kunjalo na? IZenzo 10:49, “UPetru esakhuluma lawa maZwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwalabo abezwa iZwi.” Niyabo? Manje qaphelani labobantu abathathu: amaJuda, abeZizwe, namaSamariya.

123 Manje lapha amaJuda namaSamariya ayebheke uMesiya. Manje uJesu wayesendleleni yaKhe eya eJeriko, esuka eJerusalema eya eJeriko, kodwa wayeswelekile ukudlula eSamariya.

124 Manje khumbulani uJohane oNgcwele 5:19, uJesu wathi, emva kokudlula ichibi laseBethesda, “Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza.” Ingabe nikutholile na? UJesu wathi, “INdodana ingenze lutho ngokwaYo,” nguYena lowo, “kodwa lokho Mina,” hhayi *ukuzwa* uBaba, kodwa, “bona uBaba ekwenza.” Manje, lowomBhalo uqinisile, noma yonke eminye ingahle ibe yiphutha. Wathi, “Ngaphambi kokuthi Ngenze noma yini, Ngibona ngombono lokho uBaba aNgibonisa ukuba ngikwenze, bese ngiyahamba ngikwenze.” Niyabo? KwakuMzungezile nje nxazonke. “Kodwa nina, akakho ongeza ngaphandle kokuthi uBaba amdonse.” Yiqiniso.

125 Ngakho Wayeswelekile ukuba adlule ngaseSamariya, futhi Wenyuka wazungeza iSamariya. Futhi kwakungaba ihora leshumi nambili. Futhi Wathumela abafundi baKhe phakathi, ngenkathi Efika emzini waseSikari, futhi Wathumela abafundi baKhe ukuba bayolanda okudliwayo, ukudla. Kwathi besahambile, kwaphuma owesifazane waseSikari.

126 Manje, wayengowesifazane ebesingambiza “owesifazane onegama elibi,” mhlawumbe omuhle, intombi eyathatha umgwaqo ongalungile, futhi yayiphila ngokungalungile. Futhi yaphuma ukuba ikhe amanzi. Ngoba, akakwazi ukuphuma... Nike ngaba sezweni qobo lwami, futhi amasiko abo asafana. Owesifazane walolo hlobo akazihlanganisi nabesifazane abahloniphekile; ngakho akakwazi, akakwazi ukuza emthonjeni ngesikhathi esifanayo lapho belapho, noma yini. Futhi ngakho—ngakho ufika emthonjeni emva kokuba bonke sebewatholile amanzi abo, uyaphuma ukuyokha amanzi.

127 Futhi lapho ekwenza, wema, futhi wehlisa isigwedlo, sinamahhuku amabili, futhi wavele wabeka phezu kwesibambo sebhodwe, *kanje*. Akulona ibhakede; luhlobo lwebhodwe, njengokuthi, elenziwe ngobumba, futhi bawehlisela emthonjeni, bese bewagwedla akhuphuke futhi. Ngakho waqala ukwehlisa ibhakede, futhi wezwa Othile ethi, “Sifazane, Ngiphuzise.” Futhi wabheka ngale. Kwakuthi akube indawo ebukeya ivulekile njengalapha, lapho umthombo womphakathi womuzi laphaya, ukuphuma eSikari. Wase-ke ebuka ngaleya, futhi nakho kuhlezi iJuda elineminnyaka ephakathi nendima. Manje, Wayecishe abe namashumi amathathu nambili ngempela.

128 Kodwa Wayesanda kuqeda, kuJohane oNgcwele 6, lapho abaMtshela khona ukuthi Wayebukeka sengathi Wayenamashumi amahlanu. Kodwa, kusobala, umsebenzi waKhe wawukwenzile lokho, mhlasi. Bathi, “Awusiyo

iNdoda eyevile eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi uthi u 'ubone u-Abrahama'? Siyazi ukuthi Uyahlanya manje."

¹²⁹ Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." Kunjalo. BabengaKuqondi, nokho bengabenkolo futhi benobuhlakani ababengaba yikho. Kodwa ubuhlakani akukhona ukwazi uNkulunkulu; ufanele ukhohlwe yikho konke lokho, ukwazi uNkulunkulu. Qhabo.

¹³⁰ Futhi babelapho. Ngakho lowesifazane wathi... Manje, wayengowalokho esikubiza namuhla, "isifebe," wayelaphoke. Wathi, "Nkosi, akusilo isiko kini maJuda ukucela mina, owesifazane waseSamariya, okuthile ngoba asinabudlelwane." Ngamanye amazwi, "Kukhona ukhulukana."

¹³¹ Wathi, "Sifazane, ukube ubuwazi ukuthi Ubukhuluma nobani, ubuzocela kiMi amanzi. Bengizokunika amanzi ungezi ukuzokha lapha." Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe.

¹³² Manje khumbulani, Wayenesidingo sokukhuphukela eSamariya. Ubaba wawele wathi, "Khuphukela eSamariya." Akenzanga lutho uBaba waze waMkhombisa.

¹³³ Manje nangu WayeseSamariya. Manje Akazi ngempela ukuthi kuzokwenzekani, kodwa nangu owesifazane, ngakho Wacabanga ukuthi Wayezoqhuba ingxoxo naye. Ngakho Wathi, wahamba wayokhuluma ngesiphuzo. Wahamba wayokhuluma ngokukhonza kulentaba noma *leyontaba*, noma okunye nokunye. Ngokuqondile Wabamba ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Bangaki owaziyo ukuthi yayiyini na? Impela, wayenamadoda ayisihlanu, ayisithupha, ngempela. Ngakho wathi... Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, bese uza lapha."

Wathi, "Anginandoda."

¹³⁴ Wathi, "Kunjalo. Ukhulume kahle, ngoba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje akuyona indoda yakho. Ngokuthi ukhulume iqiniso."

¹³⁵ Qaphelani! Manje ngifanele ngibethele lokhu phansi, ngoba ngifanele—ngifanele ngiyeke. Bukani umehluko phakathi kwalowo wesifazane, kulesosimo ayekuso, kulabo befundisi abaphucukile kakhulu.

Lowo wesifazane wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi."

¹³⁶ Abefundisi nabafundile bathi, "UnguBelzebule, udeveli, umbhuli."

¹³⁷ Lona wesifazane wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena. Siyazi lapho uMesiya efika, Uyositshela lezizinto."

¹³⁸ Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, kufanele kufane!

139 Wathi, “Siyamazi uMesiya, othiwa uKristu, ogcotshiweyo; nxa Efika, Uyositshela lezizinto. Kodwa Wena ungubani na?”

140 Wathi, “NginguYe okhuluma nawe.” Kwanele lokho. Wakubona!

141 Bheka okwehlukile. Bukani lapho lokho kuKhanya kubanika phezu kwaleyonzalo yenkolo nesivumokholo, neyehlelo, akuzange kusebenze nhlobo. Kodwa okokuqala lokho kuKhanya kwabaneka phezu kwaleyombewu encane eyamiselwa ngaphambili lapho, Kwabaneka masinyane, waKuqonda. Wathi, “Nkosi, Ufanele ube ngumProfethi! Siyazi ukuthi uMesiya uyeza, futhi Uzokwenza lezozinto.”

Wathi, “NginguYe.”

142 Futhi wasuka wahamba, wangena emzini, wathi, “Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Ingabe lo akuyena yini kanye uMesiya na?” Amen.

143 Nakho la okhona! Wayeyini izolo na? Lokho kusafana naYikho namuhla, futhi uyoba njalo phakade. Niyabo? Wayenguye.

144 UDavide wagcotshwa ngoMoya kaNkulunkulu. Abaprofethi wagcotshwa ngoMoya kaNkulunkulu.

145 Lowo kwakunguKristu kuJosefa, owamenza waveza uKristu, impela. Wathengiswa ngezinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu, ethandwa ubaba, ezondwa abafowabo, kulelitolongo. Njengoba uKristu wayenjalo esiphambanweni, omunye wasindiswa; nomthengisi wenyama nomphathi wezitsha, nomunye wasindiswa nomunye walahleka, into efanayo. Wahhlala ngakwesokunene sikaFaro; njalo lapho ephuma, kwakukhala icilongo, “Wonke umuntu aguqe ngedolo. UJosefa uyeza.” Akekho owayengafika kuFaro, kuphela ngoJosefa. Lowo kwakunguKristu kuJosefa!

146 Lowo kwakunguKristu kuDavide, njengenkosi elahliweyo, futhi wenyukela esiqongweni seNtaba yeMinqumo, ngenkathi esehliswe esihlalweni sobukhosi phansi lapho ngabantu bakhe uqobo, nenkosi elahliwe, wenyukela esiqongweni segquma futhi walikhalela iJerusalema, futhi wakhala, ngoba wayeyinkosi elahliweyo. LowoMoya ofanayo kuKristu, wakhala phezu kweJerusalema, futhi wathi, “Jerusalema, Jerusalema, kukangaki ngithanda ukukufukamela njengesikhukhukazi.”

147 KwakunguKristu kulabobantu, abagcotshiweyo, ekhuphuka, kwaze kwafika Lona ogcotshiweyo ophelile. Umnikelo wesono awenziwanga. Wayengeke angene kuyo yonke inyama kanjalo, ngoba yayingaphansi nje. . . Bagcotshwa. Kodwa manje uMoya oNgcwele ufikile, onguKristu esimweni sikaMoya. Manje qaphelani.

148 Manje, kungani Engazenzanga lezozibonakaliso kwabeZizwe na? Akukaze kwenziwe nguYe. Ngani na?

AbeZizwe babengafuni Mesiya. Babengabahedeni, sasinjalo, abantu bakithi, amaRoma nokunye nokunye, emuva lapho nesagile emhlane wabo, bekhonza izithixo. Babengambhekile uMesiya. Futhi uMesiya uza kuphela kulabo abambahekile. Yileyo ndlela kuphela. “Kulabo abambahekayo, Azobonakala kubo okwesibili.” Labo nje abambahekile! Hhayi nje lowo—lowo ophathelene; kodwa labo abambahekile ngempela. Futhi qaphelani, Akazange eze koweZizwe. Leso simangaliso asikaze senziwe ngaphambi koweZizwe.

¹⁴⁹ NoNkulunkulu ongaguquki! Manje sesibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili zemifundaze nazo zonke izinhlobo zezinto, futhi manje sekuyisikhathi sakusihlwa, futhi manje abeZizwe babheke uMesiya ozayo. Manje, uma Esenguye! Wabonakala ngokufanayo ngaleyonkathi, kulezo zizwe ezimbili, Ufanele abonakale ngendlela efanayo lapho. Futhi wethembisa, nokho! Omunye futhi umBhalo, futhi ngizovala.

¹⁵⁰ Khumbula njalo, gcina izigaba ezintathu zabantu engqondweni yakho. Bahlala bekhona, lokho ngukuthi: amakholwa, abazenzisi, nabangakholwayo. Bakuso sonke isixuku. Niyabo?

¹⁵¹ Futhi u-Abrahama wanikwa isithembiso, nenzalo ka-Abrahama emva kwakhe. Manje qaphelani inzalo ka-Abrahama, esimweni sikaLoti, yehlela eSodoma, izinjabulo zomhlaba; lokho yibandla lemvelo, lehlelo, lenhlangano. Kodwa iBandla likamoya, okwakungu-Abrahama uNkulunkulu amvakashela mathupha, obizelwe ngaphandle, akazange angene eSodoma, wayengaphandle kweSodoma; lelo yiBandla, elibizelwe ngaphandle. Manje, isikhathi sokuphela siyeza, lapho Ezobhubhisa amazwe ngomlilo.

¹⁵² Yilokho Alungiselela ukukwenza futhi. Ngabe kunjalo na? Manje qaphelani. UJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Khumbulani, kwakuyizizwe zabeZizwe. Niyabo? Ukuphela, njengoba kwakunjalo eSodoma. Manje nampa abeZizwe bekhuphuka. Isikhathi samaJuda sabhujiswa ngamanzi. Lesisikhathi, abeZizwe babhujiswa ngo—ngomlilo. Qaphelani, “njengoba kwakunjalo eSodoma,” ake sibheke nje.

¹⁵³ Kwakukhona u-Abrahama, iBandla elikhetshiwe, elabizwa laphuma eSodoma; ngokomoya, uNkulunkulu ebonakala ekamu labo ngaso sonke isikhathi, izibonakaliso nezimanga, nesithembiso. Ehlezi phezulu lapha emagqumeni, izindawo eziwugwadule, engacebile futhi enjengabo bonke abanye; kodwa ompofu, ehlezi; elincane, iqembu elidelekile, enziwa inhlekisa. Bonke abanye babephumile futhi baceba, nababusi bomuzi, njengoba abantwana bakaKayini babehlale benjalo, amadoda amakhulu, ososayensi, odokotela, kanjalonjalo. Babelapho-ke,

njengoba nje bekuhlala kunjalo. UNkulunkulu akaguquki. Futhi nampo wayehlezi lapho.

¹⁵⁴ Manje, ezansi eSodoma kwakuyibandla elisivivi, uLoti nesigejane sakhe. U-Abrahama nesigejane sakhe kwakuyiBandla elikhethiwe. Qaphelani. Bese kuthi-ke abaseSodoma, abangakholwa.

¹⁵⁵ Futhi kwafika iziThunywa ezintathu ezivela eZulwini, zigqoke njengamadoda. Futhi u-Abrahama wahlala emnyango wetende lakhe ngokunye ukusa, futhi wabheka, futhi kwakhuphuka amadoda amathathu. Manje, babenothuli ezingutsheni zabo, sengathi babekade behamba. Futhi u-Abrahama, kwakukhona Into ethize encane phansi kuye, wayazi ukuthi lawo kwakungamadoda angavamile. Ayebukeka njengomuntu othile obefanele amazi, ngakho wagijima waphuma.

¹⁵⁶ Kukhona okuthize ngomKristu ozelwe ngokusha wangempela, uma uhlangana noyedwa! Bengiza endaweni othenga udlele kuyo namuhla, omunye wathi, “UNKulunkulu akubusise.” Ngaphenduka. Ngathi, “A-o, kukhona okungalungile.” Inenekazi elincane langixhawula. Manje, okuthize ngomKristu ozelwe ngokusha!

¹⁵⁷ NaleziziNgelosi zenyukela lapho futhi zaqala ukukhuluma no-Abrahama. Manje khumbulani, ezimbili zazo zehlela eSodoma, ukuyobizela ngaphandle, zibone ukuthi zazibangathola yini abantu abayishumi nje. Ngabe kunjalo na? Ezimbili zahamba. Enye wazo yasala yakhuluma no-Abrahama. Ngabe kunjalo na? Manje bhekisisani.

¹⁵⁸ Ezansi lapho, kwakungekho-zimangaliso, zavele zabashaya zaphuphuthekisa lapho zingena. Futhi ukushumayela iVangeli kuyamshaya ongakholwa aphuphutheke. Yilokho iBhayibheli elikushoyo. Futhi khumbulani, uBilly Graham wesimanje kanye ne—izihlakani ezansi lapho zishumayela, “Phumani! Phumani! Phumani!” Niyabo?

¹⁵⁹ Kodwa khumbulani, Lowo owahlala emuva no-Abrahama, wenza enye into neBandla elikhethiweyo, Wayehlezi efulathele itende ngomhlane waKhe. Manje khumbulani, wayekade engu “Abrama” kwaze kwaba usuku nje noma ezimbili ngaphambi kwalokho, noSara wayekade engu “S-a-r-ayi.” Kodwa manje usengu*S-a-r-a*, futhi yena ungu-*A-b-r-a-h-a-m-a*; “ubaba wezizwe,” ne “nkosazane.” Niyabo? Manje loMfokazi wayazi kanjani, ngenkathi Ehlala phansi, efulathele itende ngomhlane waKhe na? Wayesethi, “Abrahama, uphi umkakho, uSara na?” Wazi kanjani ukuthi wayeganiwe na? Walazi kanjani ukuthi igama lakhe kwakunguSara na?

No-Abrahama wathi, “Usetendeni emva kwaKho.”

¹⁶⁰ Manje bhekisisani. “Ngi,” isabizwana somuntu, “Ngizokuvakashela.” Wenzeni na? Wahlala lapho futhi wadla

ithole u-Abrahama alibulala, wadla isinkwa uSara ayesibhakile, futhi waphuza ubisi oluvela enkomeni.

¹⁶¹ Omunye wathi kimi kungekudala, wathi, “Kwakungubani lowo, Mfowethu Branham na?”

Ngathi, “KwakunguNkulunkulu.”

¹⁶² U-Abrahama wayefanele azi, wakhuluma naYe. Buza noma yimuphi umfundisi. WaMbiza ngo, “Elohim,” Lowo o—okhona ngokwakhe; usonhlamvukazi N-k-o-s-i, “Nkosi,” Lowo okhona ngokwakhe.

¹⁶³ Manje bhekisisani, ngeke nikugeke. “Abrahama, uphi umkakho, uSara na?”

Wathi, “Usethendeni, emva kwaKho.”

¹⁶⁴ Wathi, “Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila.” Lokho Amthembisa khona eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu ngaphambi kwalokho! U-Abrahama wayenekhulu, noSara wayenamashumi ayisishiyagalolunye. “Ngizokuvakashela ngokokuphila.”

¹⁶⁵ Manje khumbulani, uSara, isalukazi, kwase kunqamukile ukuba naye njengomkakhe. Akekho owesifazane enamashumi ayisishiyagalolunye ubudala... Mhlawumbe iminyaka engamashumi amabili noma amashumi amathathu, mhlawumbe, kusukela ekade engunkosikazi ku-Abrahama. Babebadala. Futhi wahlekela ngaphakathi; niyazi, ukuthi esikubiza ngokuthi, “uhlekela emkhonweni wakhe.” Wathi, “Mina, isalukazi esinjengami; nenkosi yami, u-Abrahama, laphaya, emdala, futhi; futhi mina ngibe nenjabulo njengomlobokazi futhi, no-Abrahama na?” Futhi wahleka ngakho.

¹⁶⁶ NeNgelosi, ifulathele itende ngomhlane waYo, yathi, “Uhlekeleni uSara, esho ukuthi, ‘Lezi zinto azinakwenzeka?’” Kwakuwuhlobo luni lokufunda ingqondo lolo na?

¹⁶⁷ UJesu wathi, “Njengoba kwakunjalo emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Lapho, ibandla ngokwegama linezithunywa zalo. NesiThunywa sikaMoya oNgewele sikanye neBandla elikhethiwe, kwenza into efanayo, okuMenza, uKristu onguye izolo, namuhla, naphakade. Ubani isiThunywa salelihora na? Akukho muntu! UMoya oNgewele uyisiThunywa salelihora. Kuyini na? UNkulunkulu, ehlala enyameni yomuntu. Udumo! Ngizizwa nginokukholwa. Amen. UNkulunkulu, enyameni yomuntu, ehlala phakathi kwenu!

¹⁶⁸ UJesu wathi, “Bhekani, kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona.” Lowo ngongakholwayo. “Nokho niyoNgibona,” iBandla, “ngokuba Mina,” isabizwana somuntu futhi, “Ngizoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni konyaka, ekupheleni kwezwe.” UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade!

UNkulunkulu wethu akafile! Uphila kuze kube phakade! Uphila esikhathini sokuphela, lapho ilanga selishona.

¹⁶⁹ Ilanga lihlala liphuma eMpumalanga futhi lishona eNtshonalanga. Impucuko ihambe nelanga. Siyakwazi lokho. Impucuko endala kunazo zonke esinayo yiShayina. Futhi ngenkathi iNdodana (N-d-o-d-a-n-a) ikhanya okokuqala kwaYo, yayiphezu kwabantu baseMpumalanga. Manje impucuko isihambile saze sa...Khona lapho uGu lwaseNtshonalanga! Uma siqhubekela phambili, sizoba seMpumalanga futhi. Isitobhi esilandelayo yiJaphani, iShayina. Sizoba seMpumalanga futhi, uma siqhubekela phambili. Impucuko ihambe kanye ne—kanye nelanga.

¹⁷⁰ Manje umprofethi wathi, “Kuyoba khona usuku olungeke lwabizwa ngokuthi yimini noma ubusuku, usuku olukhwantabele, olunenkungu.” Abantu baze okwenele ngoNkulunkulu ukuba bajoyine ibandla, babhale igama labo encwadini, bahambe kulokho kuKhanya ababenakho. Ngosuku olunenkungu, kunokukhanya okukhulu kwelanga, noma ubungeke wakwazi nhlobo ukuhamba. Kodwa Wathi, “Ngesikhathi sokuhlwa, kuyakuba ngukuKhanya.” Kuyini na? Ilanga elifanayo eliphuma eMpumalanga, lishona eNtshonalanga. Futhi iNdodana kaNkulunkulu efanayo eyabonakaliswa futhi yabonakala eMpumalanga, ibonakala eNtshonalanga manje ngesikhathi sokuhlwa, ukuKhanya kwakusihlwa eBandleni elibizelwe ngaphandle futhi lagcwaliswa ngoMoya oNgcwele.

¹⁷¹ UKristu, ngeGazi nangaMandla emithanjeni yaKhe uQobo, wahlanza abantu abangcolile, futhi uhlala phakathi kwabo ngesimo sikaMoya oNgcwele. Amen. Isithombe saKho, bangaki abake basibona lesosithombe na? Sisemuva ngqo lapho manje. Ungahamba uSibuke. UGeorge J. Lacy, inhloko ye-FBI entweni yokunyathelisa iminwe, sithathiwe. NaleyoNgelosi efanayo eyahola u-Israyeli, ilapha manje yenza futhi yenza into efanayo Eyayenza ngenkathi IkuMuntu kaJesu Kristu. UKristu, umzimba, ukhuphukele ngakwesokunene sikaYise; kodwa uMoya oNgcwele uyabuya, ukuPhila okwakukuKristu, kuseBandleni. Manje uKristu akazange...Awu, uma...

¹⁷² Lapho uJesu ethi, kuJohane 15, “Mina nginguMvini, nina ningamatsha.” Manje, uMvini awutheli isithelo; yigatsha. Niyakwazi lokho, nina bantu lapha, nina balimi bamagilebhisi, kanjalonjalo. Manje, uma lelogatsha lokuqala elaphuma eMvinini, lakhiqiza iNcwadi yeZenzo emva kwalo, leloBandla lokuqala; uma lowoMvini uke uveza elinye, elinye igatsha, liyoloba enye iNcwadi yeZenzo emva kwawo. Ngokuba, khona impela ukuPhila okuseMvinini kuveza egatsheni. Impela. Sinamatsha amaningi afakelwe phakathi lapha.

173 Ngibone isihlahla ngolunye usuku ePhoenix, e-Arizona, sasinezithelo eziyisishiyagalolunye ezehlukene kuso, izithelo ezisawolintshi. Futhi ngathi kothile, ngathi, “Mfowethu Sharrit.” Ngathi, “Mfowethu Sharrit, lokho kungukuthi, kuyini lokho na? Ulamula, ithanjerini, ithangelo, no—nophaphamusi, nakho konke.” Ngathi, “Manje lapho lokho, zonke zisusiwe,” Ngathi, “ngonyaka ozayo khona-ke sizothela, sizothela amawolintshi, ngoba isihlahla samawolintshi.”

174 Wathi, “O, qha. Sizothela uphaphamusi, ulamula, nanoma yini igatsha eliyikho.”

175 “Kungani,” Ngathi, “lokho kuyinto exakile. Uqonde ukuthi usihlanekezele lesi sihlahla samawolintshi saba yilezo zinhlobo zezihlahla na?”

176 Wathi, “Qha. Isihlahla samawolintshi sisafana. Uma sike saveza elinye igatsha, liyoveza iwolintshi. Kodwa lokho elifakelwe kulo kanjalo, liveza inhlobo yalo, ngoba yisithelo samawolintshi.”

Ngathi, “Nakho la ukhona!”

177 Ihlelo lingathela kuphela isithelo sehlelo. Kodwa uma lowoMvini wasekuqaleni uke uveze elinye, uzoba nguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade! “Ngizobuyisela,” isho iNkosi. Amen. (Sekuyisikhathi sokubuyela ekhaya.)

178 Ini? “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Ubungabheka hlobo luni loMuntu na? Uhlobo olufanayo loMuntu okwakunguye. Manje, awehli ngesitaladi lapha futhi ubheke i—indoda egqoke uhlobo oluthile lwengubo ende, nezibazi zezipikili ekhanda layo, kumbe noma ngabe kuyini. Noma yimuphi umzencisi angakwenza lokho. Futhi lokho kunjalo. Noma ubani angalingisa lokho. Kodwa kuyoba ukuPhila okwakukuKristu, kuzoba seBandleni laKhe. Yilokho-ke, ukuPhila!

179 Uma ukhiphe ukuphila e—emvinini wethanga, futhi wawubeka emvinini wamagilebhisi, uyothela amathanga, uma ubungaphila kanjalo. Impela, ukuphila okukuwo.

180 Futhi yilapho ukuPhila okukhona manje. UkuPhila kukaKristu eBandleni, kuveza uKristu futhi. Bambona kanjalo uKristu. I. . . KuJohane 14:12 wathi, “Okholwa yiMi, hhayi ozenzisayo; kodwa okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uzakuyenza. Okungaphezu kwalona uyakukwenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi.” UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.

181 MaKristu. Kade ngiyisithunywa senkolo, ngibone amakhulu onkulunkulu abehlukene, yebo, izinkulungwane zabo, zonke izinhlobo, amaSikh, amaJain, uBuda, zonke ezinye izinhlobo ezihlanganiswe ndawonye, niyabo. Ngabungazwa lapha esikhathini esingesinde esedlule, eNdiya, lapho enganginesixuku

sami esikhulu kunazo zonke, izinkulungwane ezingamakhulu amahlanu embuthanweni owodwa. Futhi lapho ngabungazwa ethempelini lamaJain. Futhi phakathi lapho kwakukhona izinkolo eziyishumi nesikhombisa ezehlukene, onkulunkulu abayishumi nesikhombisa abehlukene, futhi bonke bemelene nobuKristu. Kodwa, o, he, benifanele ukuba niMbonile efika enkundleni. Wonke umsunguli wabo ufile futhi akasekho. Owethu wavuka futhi, futhi Uphila kuze kube phakade, ehlala eBandleni laKhe, onguye izolo, namuhla, naphakade.

Asikhothamise amakhanda ethu.

¹⁸² Nkosi Jesu, sijabula kakhulu ukukhuluma ngaWe. Uthandeka kakhulu futhi ufaneleke ngakho konke esingakusho. Kodwa, Baba, iZwi elilodwa nje elivela kuWe lingenza okungaphezu kwakho konke engingake ngikusho, kumbe noma yimuphi omunye umfundisi. IZwi elilodwa nje elivela kuWe lingakuxazulula. Ngeke Ukwenze kulobubusuku, Baba, njengoba silindele manje, umzuzwana nje, Wena, ngiyakhuleka. Sizo, ngeke siKulinde nakancane, Nkosi, sizolinda uze Ulungele. Sifuna ukuzwa ngaWe. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, kulobubusuku, njengoba ngibambe izethameli futhi, isikhathi eside. Kodwa bathandeka kakhulu, Nkosi. Futhi ngiyazi ukuthi ilanga lakusihlwa selihambile. Siphila emathunzini nje manje. Futhi, Nkulunkulu, kungase kube khona umuntu othile ongaKwazi. Ngikhulekela ukuthi Uzoza kithi kulobubusuku, Nkosi, ngesimo sikaMoya oNgcwele, futhi uvumele abantu baKubone, babone uJesu ofanayo abambona ezinsukwini esezadlule.

¹⁸³ Kwakungesuye umuntu, umzimba (bawubethela lowo, kodwa uNkulunkulu wawuvusa), kodwa kwakuyilokho kuPhila okwakukuYe. Akazange athi, “Wozani, nibone indlela engigqoka ngayo izingubo zaMi, leso yisibonakaliso sokuthi nginguMesiya. Wozani, nibone ukuthi ngivela kuziphi izikole, yisiphi isivumokholo engisifundisayo.” Qhabo, lokho kwakungesikho lokho, indlela Azethula ngayo. Kodwa Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa noma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi futhi ningaNgikholwa, kholwani yimisebenzi, yiyo efakaza ngaMi. Yiyo engenza Ngaziwe.” Futhi babonile ukuthi WawunguMesiya, ngoba WawungumProfethi, uNkulunkulu-mProfethi.

¹⁸⁴ Futhi manje kulobubusuku, Baba, sikhulekela ukuthi Uzosibusisa kulobubusuku njengoba Wenza uKleopase nomngane wakhe. Emva kwalokho babekade behambe nawe iminyaka emithathu nengxenywe, futhi bezibonile izinto Ozenzile; Khona-ke Wena wabethelwa, ngaphansi kukaPontiyu Pilatu—Pilatu, Wahlupheka, wabethelwa, wafa. Futhi ngosuku lwesithathu babesendleleni eya e-Emawuse. Babezwile amahlebezi ngabesifazane nabanye babafundi, ukuthi “Wayevukile.” Kodwa ngalolosuku Wahamba nabo

futhi wakhuluma nabo cishe usuku lonke gulukunqu. Abazange bakwazi Wena.

¹⁸⁵ Mhlawumbe abaningi lapha baye bakwenza. Uhambe nabo futhi wakhuluma nabo, futhi abaKuqondanga.

¹⁸⁶ Kodwa lapho sekuhwalala, baKumema wangena, futhi Wavala iminyango wase uhlala phansi. Khona-ke Wenza into ethile ngendlela Owenza ngayo ngaphambi kokubethelwa kwaKho. Bazi-ke ukuthi kwakunguWe. Umzuzwana, Wanyamalala emehlweni abo, waphuma wangena ebusuku. Basuka baya kubantu bakubo, bethi, “INkosi ivukile!”

¹⁸⁷ Nkulunkulu, Uzokwenza kulobubusuku futhi na? Yenza okuthize phakathi kwethu kulobubusuku, Nkosi, njengoba nje Wakwenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho. Khona-ke siyoba nesibindi futhi sazi ukuthi uKristu wethu akafanga, kodwa uvukile kwabafileyo, futhi uyaphila lapha phakathi kwethu, kuze kube phakade. Sizinikela kuWe, Baba. Nginikela lelibandla kuWe, nawo wonke umoya ophakathi lapha, kuWe, ukuze Usisebenzise ekuhlonipheni uKristu. NgeGama likaJesu ngiyakucela. Amen.

¹⁸⁸ Manje ngaphambi kokuba sikhuleke noma sibize umugqa womkhuleko, ngizonibuza okuthize. Ngifuna wonke umuntu, ngiyacela, ukuba ugcine isihlalo sakho imizuzu embalwa nje. Manje nifanele nihloniphe ngalesi sikhathi. Manje, uma ungakholwa, khona-ke phuma uthi nyelele kalula impela. Kodwa manje, uma uzokholwa, hlala uthule, cishe emihl-... cishe imizuzu eyishumi nanhlanu, niyabo. Ake sibone ukuthi Uzokhuluma yini nathi. Manje thina, asikho kwi... Siseholo elikhulu, kodwa leli yisonto. Linikelelwe leyo njongo, ngakho asihlale singanyakazi ngempela. Ngamunye wenu ungumoya. Uma ungenjalo, ufile. Niyabo? Ngakho-ke ungumoya, bese kuthi-ke lapho uMoya oNgcwele wehla ukuzocoba phakathi kwabantu, Uthintana, ucsha leymimoya, niyabo. Futhi uyanyakaza, kukhona ukugudluka.

¹⁸⁹ Wena uthi, “O, Mfowethu Branham!” Awu, uyiholeleni wakhapha impumputhe edolobheni na? Futhi, ngakho, niyabo? Niyabo?

Manje bangaki abaMkholwayo na? “Banumzane, sithanda ukuMbona.”

¹⁹⁰ Manje sinomugqa omncane womkhuleko esizowubiza. Ngikhulwa ukuthi babiza... Kube kuphi... Noma ingabe uwakhiphile, ya, amakhadi omkhuleko kwelokuqala kuya ekhulwini na? Elokuqala kuya ekhulwini, ini? U-C, u-C. Kulungile, ake sibize athize, amakhadi omkhuleko. U-C, owokuqala, ubani onalelo khadi na? U-C, owokuqala. Buka ikhadi lakho lomkhuleko, wena onekhadi lakho lomkhuleko. Owokuqala. Kulungile. Uzobaletha ngayiphi indlela, ngalendlela, emuva ngalendlela na? Kulungile.

¹⁹¹ U-C, wokuqala. Owesibili. Kulungile, nenekazi. Owesithathu. Owesithathu. Uma ukwazi ukusukuma, noma uphakamise isandla sakho noma enye into, ngakho ngizo. . . Owesithathu, ubani onekhadi lomkhuleko na? Umnumzane ohloniphekile, kulungile. Owesine, ikhadi lomkhuleko lesine. Kulungile. Kulungile, elesine. Ubani onowesine, ungasiphakamisa isandla sakho, ngiyacela? Kulungile, nenekazi, woza ngapha. Niyabo, bavele. . .

¹⁹² Bayehla, umfana uyehla, futhi uthatha lamakhadi omkhuleko futhi asukume phambi kwenu. Uwaxuba ndawonye, khona-ke uvele aqale nje ukunikeza ikhadi lomkhuleko. Ungahle uthole isithupha, omunye athole ishumi nane.

¹⁹³ Woza ngapha, nenekazi. Owesine, owesihlanu. Futhi khona-ke ubani onowesihlanu, phakamisa isandla sakho. Ikhadi lomkhuleko lesihlanu. Bese kuthi-ke enye into lapho yena. . .Khona ezansi lapha, nenekazi, lokhu. Bese kuthi-ke enye into abayenzayo kulokho, khona-ke ngezinye izikhathi ngibiza ngisendaweni eyodwa. . .Bangaki abake baba semhlanganweni ngaphambili, omunye wemihlangano yethu na? O, awu, bengicabanga ukuthi bengiphakathi kwezihambi. Impela akunjalo. Kulungile. Elesihlanu, elesithupha. Ubani onelesithupha na? Kulungile. Elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye. Ngithola lokhu, ngoba abantu abayizithulu, nabantu basezihlalweni ezinamasondo futhi abakwazi ukuhamba. Elesishiyagalolunye, eleshumi, eleshumi. Ishumi, sikusho kanjani lokho ngeSpanishi na? Ishumi. Kulungile, ishumi nanye, ikhadi lomkhuleko leshumi nanye. Ngicabange othile kuvulandi esesitezi. . .Lapha. Kulungile, ishumi nambili. Kulungile, ishumi nambili. Ishumi nantathu. Ikhadi lomkhuleko leshumi nantathu, ingabe unalo, nenekazi na? Ishumi nane, ishumi nane, ishumi nanhlanu. Ake, awu, lokho, asiqale kanjalo manje. Kulungile.

¹⁹⁴ Manje, ngiyacela, manje hloniphani nokuzithoba nje. Manje bangaki phakathi lapha abangenalo ikhadi lomkhuleko, futhi nokho uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokuphulukisa na? Phakamisa isandla sakho. Angikhathali ukuthi ukuphi. Bangaki oke waba semhlanganweni ngaphambili, futhi uyazi ukuthi baningi abaphulukisiwe laphaya kunalabo okhona phezulu lapha, ngokubabiza nje? Impela, ngaphandle kwamakhadi omkhuleko! Unokukholwa nje manje, ungangabazi, kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

¹⁹⁵ Ikhadi lomkhuleko lesihlanu liyashoda. Umngenisi ubiza ikhadi lomkhuleko lesihlanu. Bheka, uma usukuma futhi. . . Ungalitholi ikhadi lomkhuleko ngaphandle uma uzolisebenzisa; uyabo, musa. Thola inombolo yakho manje, ngoba sizokhulekela wonke umuntu onalawo makhadi, niyabo, futhi asi—sifuni ukuthi ugejwe isikhathi sakho. Ngoba, manje, lapho sesibiza

futhi manje, sishie kweleshumi nanhlanu, yilapho esizoqala khona mhlawumbe kusasa ebusuku, indawo efanayo, niyabo. Sizobathola, bonke, ngakho-ke uzo—uzogeja isikhathi sakho. Niyabo? Ya. Ikhadi lomkhuleko lesihlanu. Kulungile.

¹⁹⁶ Futhi yiba nokukholwa nje. Ungangabazi. Futhi ukholwe ngenhliziyo yakho yonke. Manje, manje ngamunye wenu manje onekhadi lomkhuleko, noma ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi uyakholwa, manje ngenkathi besalungiselela umugqa, buka ngapha manje.

¹⁹⁷ Ngesinye isikhathi kwakukhona owesifazane, futhi mhlawumbe wayengenalo ikhadi lomkhuleko, kodwa wayenakho okwakukuthathile, ukukholwa. Futhi wadabula phakathi kwesixuku, wayesethi, “Uma nje ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda.” Bangaki abake bayizwa leyondaba na? Owesifazane onompho. Manje lowo wesifazane omncane wayezimisele ukuthi wayezothinta uJesus. Wathi, “NgiyaMkholwa. Angikhathali ukuthi bangaki abapristi nabo bonke abanye abangaMkholwa, ngiyaMkholwa. Futhi ngikholwa ukuthi uma ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda. Ngiyakholwa ukuthi UnguMesiya.”

¹⁹⁸ Uyakholwa ukuthi UnguMesiya na? Impela. Manje ungaMthinta na? Manje, kubefundisi, baphi abazalwane abangabefundisi na? Kulungile, umfundisi, manje i. . . Ingabe iBhayibheli liyasho, bazalwane abangabefundisi, noma nonke nina bafundi beBhayibheli, ukuthi “Yena khona manje,” iNcwadi yamaHeberu, isahluko se 3, “ungumPristi oMkhulu ongathintwa ukuzwelana nobuthakathaka bethu”? Bangaki owazi ukuthi iBhayibheli liyakusho na? Impela. Awu, khonake, uma EngumPristi oMkhulu, nomPristi oMkhulu ofanayo, Ubengeke enze ngokufanayo na? Niyabo? Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, (leyo yindaba yethu), Uyokwenza ngokufanayo. Manje wena uthi. . .

¹⁹⁹ Manje uma ukhuphukela lapha futhi ungithinte, ngeke kwenze mehluko omncane. Thinta abelusi, bekungeke kwenze mehluko omncane. Uthinte umelusi wakho lapho, noma ngabe ubani, bekungeke kwenze mehluko omncane. Kodwa, Mthinte!

²⁰⁰ Manje-ke ubungazi kanjani ukuthi uMthintile na? Ubeyosebenza emuva ngqo futhi enze into efanayo. Niyabo? Mthinte futhi ubone ukuthi Akakhulumi yini lapha, futhi athi, “Ukukholwa kwakho; ubunokuthi-nokuthi,” futhi noma ngabe kuyini, futhi akutshele obekuyikho, nokuthi kwenzekani, nakho konke ngakho. Manje, bangaki abakubonile lokho kwenziwa izikhathi ezingamakhulu, vele uphakamise isandla sakho. Niyabo? Impela, akusoze kwehluleka, akusoze kwehluleka. Ngani na? Angeke ehluleke; UnguNkulunkulu. Niyabo? Awujabuli yini ukuba ngumKristu, wangempela, umKristu ozelwe ngokusha, ngempela ngokunqoba kukaKristu na?

²⁰¹ Manje, nina nje laphaya ezethamelini manje, hlalani nje nihloniphe ngokuzithoba ngempela, futhi nithi, “Ngizokukholwa, kungakhathaleki lokho omunye umuntu akwenzayo, lokho omunye umuntu akushoyo, ngizokukholwa ngenhliziyo yami yonke.” Futhi uvele uthembeke futhi ukholwe manje. Kulungile. Kulungile.

²⁰² Lapho, abazalwane emuva lapho, nabefundisi kanye nabo, ukhipha iziguli.

²⁰³ Manje ngicabanga ukuthi, yebo, *lokhu* kuyaphila. Manje uma oyedwa e...unjinyela kulokho ezothi ukukugcina kuphakeme kancane.

²⁰⁴ Isizathu, ngesinye isikhathi lapho ugcobo lushaya, khona-ke a—angazi ukuthi ngithini. Niyabona, ngizofanele... Kukwenye indawo emuva empilweni; niyabona. Bese kuthi-le lapho ngi... Njengoba nje ukuphuphile, niyabo. Futhi uphupha njengephupho, uma ngikwenza ngaleyondlela kuwe, nokho umi khona lapha; futhi ubuyele emuva iminyaka, empilweni yabantu, futhi uthole lokho abakwenzile, yini indaba, nokunye, futhi ngikukhuphule kanjalo, niyabo. Futhi lowo nguMoya oNgcwele. Bese-ke Usho okwakuyikho, okuyikho, yini okuzoba yikho, nokunye nokunye. Vele ukubuke nje futhi ulalelisise, futhi uthole amateyipu akho, futhi Uzokutshela.

²⁰⁵ Manje nansi indoda okungenzeka mhlawumbe ukuthi indala kunami. Futhi ngikholwa ukuthi siyizihambi, omunye nomunye. Lesi yisikhathi sethu sokuqala sihlangana, ngokwazi kwami, mina nawe, siyizihambi komunye nomunye. [Umfowethu uthi, “Ngike ngaba semihlanganweni yakho.”—Umhl.] Uke waba semihlanganweni. Ya. [“Kodwa angikaze ngihlangane nawe.”] Uke waba semihlanganweni yami, ushilo, kodwa akakaze ahlangane nami. Isizathu, kunezigidi eziye zaba semihlanganweni engingeke ngizazi. Kodwa thina, manje nanka amadoda amabili ehlangana ekwesikhathi sethu sokuqala ngqa empilweni. Uyindoda nje emi lapho, angimazi. Nali iBhayibheli; a—angimazi, angikaze ngimbone empilweni yami. Ungibonile, endawo ndawo ezethamelini, emhlanganweni ndawo ndawo. Kodwa nangu umile.

²⁰⁶ Mhlawumbe indoda ingumzencisi. Mhlawumbe iyikholwa. Mhlawumbe ayilona nhlobo ikholwa, akukho ndlela. Mhlawumbe iyindoda nje. Mhlawumbe iyagula, mhlawumbe ayiguli. Mhlawumbe inkinga yasekhaya, inkinga yezezimali. Mhlawumbe imele omunye umuntu lapho. Angazi. Kodwa nansi imile, futhi mina ngilapha.

“Manje, banumzane, sithanda ukubona uJesu.”

²⁰⁷ Manje, yini engingayenzela kuleyondoda na? Manje, ngingahle ngenyuke ngiye kuyo, ngibeke izandla zami kuyo, ngithi, “Uyagula, mnumzane na?” Ithi, “Yebo, mnumzane.” Ngibeke izandla zami kuyo, ngithi, “Udumo kuNkulunkulu,

haleluya! Hamba, uzophila. Haleluya!” Awu, manje, lokho kungaba ukuthi izosinda; kuncike ekutheni icabangani ngakho. Akunandaba, kungenzeka. . . Mina ngiyixhawula futhi ngibeka izandla zami kuyo, bekungenze lutho. Ukukholwa kwayo kuNkulunkulu obekuyokwenza. Kodwa, manje, iyoba nelungelo lokukungabaza lokho.

²⁰⁸ Kodwa uma uMoya oNgcwele ungama lapha futhi uyitshela into ebiyiyo, njengoba uMose aloba uGenesisise, khona-ke impela Ubungayitshela okuyoba khona. Ibingakukholwa lokho, ibingakwenza na? Manje, manje uma Eyokwenza lokho, ukuba uKristu ubeyokwenza lokho, bangaki kini obengakholwa ngayo yonke inhliziyu yenu na?

²⁰⁹ Niyabo, manje niyabo, iphutha elilodwa kuphela engilithola eMelika, sebone okuningi kakhulu baze baba izibukeli nje, niyabo. Ningakwenzi lokho. Mhlonipheni uKristu, niyabo. Ninganginaki. Ngiyisoni esisindiswe ngomusa. Kodwa manje akunandaba ukuthi uNkulunkulu ubengangigcoba kangakanani, Uzofanele amgcobe, futhi. Kunjalo, bekungeke kwenze okuhle nakancane. Ufanele amgcobe, futhi. Ufanele akugcobe, niyabo, akugcobe phandle lapho, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwakho.

²¹⁰ Khona-ke, umgudu nje lona. Awukukhulumi wena uqobo. Ukhuluma ngawe. Yindlela uNkulunkulu ayisebenzisayo ukukhuluma ngayo, niyabo. Kufana nalemayikhrofoni, lemayikhrofoni iyisimungulu ngaphandle uma kukhona emuva lapha okhuluma ngayo. Futhi, yimi lowo, ngiyazi kanjani leyondoda na? Angikaze ngiyibone, kodwa ngiyisimungulu kuyo. Niyabo?

²¹¹ Ngakho, “Mnumzane, sithanda ukubona uJesu.” Manje Ubezokwenzani na? Kuthiwani uma umuntu egula, Angathi, “Ngizokuphulukisa”? Akakwazanga ukukwenza; Usevele wakwenza. Niyabo? “Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina.” Wakwenza eKalvari. Kodwa Ubezokwenza okuthize ukukhombisa ukuthi WayesenguMesiya. Ingabe bekujalo lokho na? Awu, manje-ke, Ubeyokwenzani, ingabe Ubeyothi, “Bheka izibazi zaMi zezipikili”? Lokho akusikho Akusho ekuqaleni. Akakaze. . . Wabatshela nje okwakusenhliziyweni yabo, nokunye nokunye, futhi bazi ukuthi lowo kwakunguMesiya. Manje lowo nguYe, onguye izolo, namuhla, naphakade. Uyakukholwa na? Ithi, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²¹² Wena uthi, “Mfowethu Branham, ulindele ini na?” INgelosi yeNkosi. Impela. Angikwazi kwenza lutho. Ngilindele Yona. Ayingigcobi, angikwazi—angikwazi ukusho lutho. Kuya ngokuthi yini. . .

²¹³ Manje Ulapha. Ulapha manje. Futhi eGameni likaJesu Kristu ngithatha wonke umoya ophakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

²¹⁴ Angikwazi, mnumzane. Siyizihambi. Kodwa ukhona okuthize...noma unokuzwa ukuthi kukhona okwenzekayo. Manje indoda ibingekwazi ukufihla ukuphila kwayo. Iyagula. Ukuyiphulukisa, angikwazi. Ayikho indlela yokuthi mina ngiyiphulukise. Indoda ibiku—udokotela. Ike yaba nokuhlolwa. Impela, ilindele ukuhlinzwa. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, mnumzane, phakamisa isandla sakho.

Uyakholwa na?

Uthi, “Ukuqagelile lokho, Mfowethu Branham.” Angizange.

²¹⁵ Bheka futhi. Buka ngapha, mnumzane. Njengoba nje iNkosi yethu ikhuluma kowesifazane, NguMoya waYo. Angisiye Yena. Ngingumuntu onjengawe, kodwa NguMoya waKhe. Noma yini Akutshela yona, ibilungile, noma yini. Ya, nansi futhi. Yebo, yebo, isilungele ukuhlinzwa khona manje, futhi kusenkathazweni yesinye kanye nesifo sesinye. Lowo ngu USHO KANJE UMOYA ONGCWELE. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho uma kunjalo. Uyakholwa manje ukuthi useBukhoni baKhe na? Kulungile. Hamba, ukholwa, futhi uzophila. Amen.

Uyakholwa na? Manje kulula kunjalo nje ukubona uKristu enyakaza.

²¹⁶ Manje, nenekazi, siyizihambi komunye nomunye. Nakhu u...Ubukade usemhlanganweni. Uma ngithi “isihambi,” lokho kusho ukuthi angikwazi, awungazi. Nami...ungibonile emihlanganweni, nezinto ezinjalo. Kodwa ukwazi, uthi, “Yebo, Mfowethu Branham, uza endlini yami, ngiyakwazi, singabangane siqu,” Angikwazi ngaleyondlela. Futhi usanda kuba semhlanganweni ndawo ndawo. Bengingeke ngibe nomqondo, lutho ngawe, kuphela nje ungowesifazane oke waba komunye, wathamela omunye umhlangano ndawo ndawo. Manje, bekukhona indoda. Nangu owesifazane.

²¹⁷ Nasi isithombe sikaJohane oNgcwele 4, owesilisa nowesifazane abahlangana okokuqala empilweni, ukuhlangana ubuso nobuso, njengowesifazane...owesifazane waseSamariya neNkosi yethu uJesu. Manje nangu owesifazane, angimazi. Angikaze ngimbone. Uyisihambi ngokuphelele. UNkulunkulu eseZulwini uyakwazi lokho. Angikaze ngimbone. Kodwa uma uMoya oNgcwele uzomtshela ukuthi uzeleni lapha, omunye umuntu kumbe noma ngabe kuyini, okwasekhaya, ezezimali, ini...noma ukugula noma kungaba yini, khona-ke uzofanele avume ukuthi kukhona aMandla angaphezu kwawemvelo lapha ukwenza lokho. Ingabe kunjalo na?

²¹⁸ Niyabo, manje kuncike ekutheni ucabanga ukuthi Kuyini. Ungathi “uBelezabule” noma ungathi “uKristu.” Wena, uma uthi “uBhelzabhule,” uthola umvuzo wakhe. Niyabo? Uthi “uKristu,” ngumvuzo waKhe. Ufanele ukholwe.

²¹⁹ Manje yeka indawo okukubeka kuyo! Ingabe ukhona ofuna ukuthatha le ndawo na? Uma ungakukholwa, woza lapha

futhi uthathe indawo yami kanye. [UMfowethu Branham uyathula—Umhl.] Njalo izethameli ezithule lapho lokho kubuzwa.

²²⁰ Manje, dade, bheka ngapha. Ngikubizeleni ngo “dade” lapho ngiqalaza na? Bengikufulathele. Kodwa ngizwe uMoya phezu kwakho, ukuthi ungumKristu. Uyikholwa. Angikwazi, kodwa ngiyazi ukuthi ungumKristu. Ngoba, uMoya ophezu kwakho, noMoya ophezu kwami, uyisihlobo, uyabo. Wena, uzizwa sengathi wamukelekile nje, uyazi, Wenza uzizwe ukahle, wamukelekile.

²²¹ Manje, uma uMoya oNgwele, njengoJesu ekhuluma kowesifazane emthonjeni, nakhu la sikhona, ukubukeka okuvulekile okuncane nje njengomthombo waseSikari, ebengikhuluma ngawo. Manje, njengoba sobabili singamakholwa, futhi simi lapha, uMoya oNgwele uphezu kwethu sobabili. Manje Unikile... Angiyena umshumayeli. Kodwa Unginika isipho; lokho ukushumayela kwami. Yisiphiwo sokuprofetha. Futhi lezi ezesikhashana nje; kuzothatha ukukholwa kwakho ukwenza lokho; njengowesifazane owathinta ingubo yaKhe, wathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile,” niyabo. Manje, leyo yinto efanayo ebizayo manje, niyabo, kubiza ukukholwa kwakho. Khona-ke Ungitshela okuthize, ukuthi ngiyephi nezindawo ezithize.

²²² Manje, lapha, Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya. Manje ngisendleleni eya e-Alaska, kodwa ngibe nesidingo sokuza ngapha. Kungani na? Ngizwe ngiholeleka ukuba ngize lapha. Futhi nakhu la ngikhona; nakhu ukhuphuka emsamo. Yilokho kuphela engikwaziyo. Futhi nakhu la umi khona. UngumKristu futhi ngingumKristu, sobabili sinoMoya oNgwele. Futhi nali iZwi laKhe, ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

²²³ Manje, uma Ezokwembulela okuthize okusempilweni yakho, uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha. Futhi Uzokwenza ukuba ukholwe khona-ke nganoma yini oyicelayo; ngoba umKristu ubengeke ame lapho kanjalo, u—udinga okuthize noma ubungeke ume lapho.

²²⁴ Ingabe bonke abanye bazokholwa na? Ingabe ukhona omaziyo lo muntu na? Ya, abantu abaningi bayamazi lo muntu.

²²⁵ Awu, ngokwezazi zezokwelapha, ufanele ube nokuhlinzwa, futhi. Amaqhubu. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uMoya oNgwele ungangembulela lapho lawo maqhubu na? Izinso. Kunjalo. Manje uyakholwa na? Awuveli lapha. Uza lapha cishe amamayela angamakhulu amabili noma amathathu. Uhambe amabanga amade ukuze ufike lapha. Kunjalo. Kunjalo. Futhi, empeleni, ungunkosikazi womfundisi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na?

Kungakusiza na? UNkk. Johnson. Hamba, ukholwa, futhi usinde; nangenhliziyo yakho yonke.

226 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyabo? UJesu Kristu! Banumzane, sithanda ukubona . . . Wena uthi, “Kanjani lokho?” Awu, lokho akungaphezu kwalokho Akutshela bonke abanye. Uyakholwa na? “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Lowo nguYe. Manje hamba ukhulume nowesifazane, umbuze.

227 Manje nansi indoda, eyisihambi ngokuphelele, angiyazi, angikaze ngiyibone empilweni yami. Ingahle idliwe nya umdlavuzo, Ingahle ibe nezinkathazo zasekhaya, zezimali. Angazi ukuthi yini engalungile ngayo. Imi lapha, indoda nje. Manje uma uMoya oNgcwele uzokwembula kuleyondoda, niyazi . . .

228 Lelo nenekazi elincane elihlezi khona lapha emuva ngalapho ngikhomba khona umunwe wami, lihlushwa yileyo utwayi. Uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke! Uyakhukholwa, nenekazi, ngayo yonke inhliziyi yakho na? Owesifazane omncane onekhanda elimpunga efake izibuko, une, uhlushwa utwayi. Ubemi lapho, noma ehlezi lapho, njalo, ecabanga ngalokho okwakungalungile ngaye, ekhuleka enhliziyweni yakhe. Futhi manje uma lokho kunjalo, futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, sukuma ngezinyawo zakho.

229 Uthinteni na? Ngiyanibuza, uthinte ini na? Uqhele ngamayadi angamashumi amabili ukusuka kimi. Uthinte umPristi oMkhulu, futhi lowoMpristi Omkhulu ulapha! Unguye izolo, namuhla, naphakade. Aniboni na? UngaKungabazi. Kukholwe! Yiba nokukholwa.

230 Manje, angikwazanga ukukuvimba lokho, mnumzane. Kungukuthi nje ngi—ngibuka ukuKhanya, niyabo, futhi Kuvele kwasuka kimi, futhi ngiKubone kulenga laphaya, futhi ngibone inenekazi elincane lenyukela lapha phambi kwami. Futhi belilokhu liza phambi kwami lapha, futhi ngibona ukuthi bekungowesifazane esikhundleni sowesilisa, ngakho bekumele ngikhulume ngalokho ebengukubona.

231 O, uma lelibandla, uma leliqembu labantu belikhulwa nje khona manje, futhi libe nokukholwa nje, obekuzokwenzeka, obekuzokwenzeka!

232 Mnumzane, siyizihambi omunye komunye. Bengifuna nje ukukhuluma nawe, ukuze ngixhumane nomoya wakho. Lapha, awukho lapha ngesingawe. Ulapha ngomunye umuntu, lowo u—umfo omncane, umfo omncane, umfana omncane ophahlazeke engozini yemoto, wasikwa waba yizicucu, obengekile, kubi kakhulu, isimo esibucayi. Ulapha, ummele. Kunjalo. Uma uNkulunkulu engamsizi umfana omncane, uzofanele afe. Ungangenzela umusa na? Khipha leloduku ephaketheni lami; hamba, ulibeke phezu kwakhe, eGameni leNkosi, futhi

ungangabazi. Futhi ake ngizwe kuye, njengoba umhlangano uqhubeke. Yiba nokukholwa.

²³³ Sawubona, mnumzane? Siyizihambi komunye nomunye. Omunye wesifazane. Uyakholwa na? Manje, khumbula, Usenguye nje phandle lapho ukuthi Ulapha. Ukuyo yonke indawo. Ukhona yonke indawo.

²³⁴ Dadewethu Borders, ngabe nguwe ohlezi laphaya na? Angikwazi ukuqonda. Kubukeka sengathi uDadewethu Borders ohlezi lapho. Angikwazi. . . Roy, unkosikazi kaMfowethu Roy Borders. Ngicabanga ukuthi akunjalo. Kuhambe kahle, kwama phezu kwalelo nenekazi. Manje, umzuzu nje, futhi mhlawumbe Kuzobuya futhi, sibone ukuthi Kwenzeni.

²³⁵ Ngiyisihambi kuwe. INkosi iyasazi sobabili. Uma iNkosi izongichazela, futhi yenze okuthize lapha, lokho okuzele lapha, uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.]

²³⁶ UNkk. Borders ulokhu emile lapha phambi kwami, ndawo ndawo. Ngi. . . UNkk. Borders usemhlanganweni ndawo ndawo. (Kukhona okungalungile ngomkakho na?) Kulungile, kulokhu kuza lapha. Futhi kukhona isigejane sabantu, omunye oseduze kwakhe, futhi ngilokhu ngizibuza.

²³⁷ Wena uhlushwa isimila. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi isimila sikuphi na? Enqulwini. Ukhohwa ngenhliziyo yakho yonke. Unokwelakanyana, futhi, ezinye izinto eziningi. Uyakholwa. Kunjalo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Hamba, ukholwa kanjalo, futhi uzo. . . kuzophela konke, futhi uNkulunkulu uzokuphulukisa futhi akuphilise. [Udade uthi, “Mfowethu Branham, lowo wesifazane uze nami, onotwayi, uze nami. Futhi angikwazanga saze sahlala emuva lapho, uthe ubenotwayi.”] Niyabo, ukuthola kwakhe ukuxhuxhuma kokungena emgqeni womkhuleko mhlasi- mbe yikho okukwenzile, ukukhulekelana.

²³⁸ Nakhu! O, ngiyabona! Ngibone uNkk. Borders emi lapha. Uyakhuleka. Futhi kukhona owesifazane oyedwa—oyedwa ohlezi eduze kwakhe lapho, okhulekayo, unomfutho wegazi ophansi. Uma ukholwa, uhlezi khona lapho, nenekazi, ngenhliziyo yakho yonke uyakukholwa, futhi uNkulunkulu uzokusindisa, nomfutho wegazi ophansi. Amen. Nakho la ukhona. Yilapho umkhuleko obuvela khona.

²³⁹ Uma uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi, noma, ngiyaxolisa, inceku, (lokho kukhubekisa abantu), beka isandla sakho kowesifazane ohlezi eduze kwakho, ngoba uhlushwa ukuqhansa kwemithambo. Uyabo, kunjalo. Amen.

²⁴⁰ Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho manje! Ngitsheleni ukuthi yini abayithintayo; owesifazane omncane ohlezi lapho,

ekhulekela omunye nomunye, kulokhu kuvela emsamo. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyi yakho! Kulungile.

241 Woza lapha, nenekazi. Uyakholwa ngenhliziyi yakho yonke na? Uyakholwa na? Uyakholwa ukuthi inkathazo yesisu izophola na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Hamba-ke udle isidlo sakho sakusihlwa. UJesu Kristu uyakuphilisa.

242 Yini oyikhulwayo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa leyonkathazo yeqolo, lezozinso, futhi akusindise na? Yiya ekhaya, ukholwa, uthi, “UJesu Kristu uyangiphilisa.” Yiba nokukholwa nje, ungangabazi.

243 Woza, mnumzane. Ubujabule kabi ngenkathi uphuma emgqeni lapho, lapho kubizwa inombolo yakho. UNkulunkulu uphulukisa inkathazo yenhliziyi futhi angakusindisa. Uyakhukholwa na? Khona-ke hamba endleleni yakho, ukholwa, futhi konke kuzokushiya, futhi uzo—uzosinda. Kulungile.

244 Yiba nokukholwa. Ungangabazi, Nenekazi, ucabangani ngakho na? Ucabanga ukuthi uma ngibeke izandla zami phezu kwakho, uzosinda na? Angishongo lutho nje, ngibeke nje izandla zami kuwe na? [Udade uthi, “Awudingeki ngisho.”—Umhl.] Qhubeka. “Awudingeki,” kulungile, lokho kühle. Qhubeka ngqo. Amen. Yileyo ndlela yokwenza. Kulungile.

245 Woza, nenekazi. Ukholwani, dade na? Uyakholwa ngenhliziyi yakho yonke na? Uyazi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile ngawe, kodwa uzokukholwa na? Khona-ke isifo sikashukela asilutho kuNkulunkulu, Angasiphulukisa. Uyakhukholwa na? Kulungile, qhubeka, usinde. Amen.

246 Kulungile, mnumzane. Woza, mnumzane. Ngiyisihambi kuwe. Wonke umuntu uyakutshela, “Phaphama,” ngoba unokwethuka. Kodwa awukwazi ukuphaphama, kukhona okuthize lapho okukwenza ube nokwethuka. Kunjalo. Kodwa umi endawenani manje lapho sekukushiye khona manje. Hamba, ukukholwe, futhi ngeke kusaphinde kubuye. Hamba, ukukholwe. Amen. Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Kulungile.

247 Izinto eziningi, inkathazo yabesifazane, isifo samathambo. Manje uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? [Udade uthi, “Amen.”—Umhl.] Hamba nje, uthi, “Makabongwe uNkulunkulu,” futhi—futhi ukholwe ngenhliziyi yakho yonke.

Woza, nenekazi.

248 Uyakholwa laphaya na?

UNkulunkulu angasiphulukisa isifo sikashukela, noma yini esegazini. Awukukholwa lokho na? Impela, Angakwazi. Qhubeka, ukholwa, uthi, “Amen! Mayibongwe iNkosi!”

249 Uyakholwa, “Beka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda”? EGameni leNkosi uJesu, hamba, uphile manje, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho.

²⁵⁰ Kulungile, sondela, mnumzane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphulukisa inkathazo yenhliziyu; ukwenza inkathazo yendlala yesinye, yonke into, lokho kuba novalo nakho konke kusuke kuwe na? Khona-ke hamba, ukukholwe eGameni leNkosi uJesu. Amen.

²⁵¹ Uyakholwa ngenhliziyu yakho yonke na? Kuthiwani ngani nonke, niyakholwa na?

²⁵² Ziphi izishosha zenu na? Ngibona isihlalo esinamasondo. Uthini, mnumzane na? Bheka lapha kimi. Uyangikholwa na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Uyakholwa. Ngibuke, khona-ke. Kungukuthi, inkathazo yakho isemlenzeni yakho. Ufanele ukuya e, isibhedlela; kodwa ubungekwenze, ngoba ubucabanga ukuthi uma ungake ufike lapha, uzosinda, futhi ubengeke udingeke ukuthi uye esibhedlela. Kunjalo. Uyakhukholwa na? Uma uhlezi lapho, uqinisekile ukuthi uzofa; njengabanochoko. Udokotela akakwazi ukukusiza ngalutho. Ngakho awumemukeli ngani uKristu kulobubusuku, futhi ukukholwe ngayo yonke inhliziyu yakho, futhi usukume uphume kulesosihlalo esinamasondo, futhi uthathe isiphetho sayo futhi uyiphushe uzungeze, futhi uqhubeke uphume ngomnyango futhi uye ekhaya, futhi usinde na? Kungani ungakwenzi lokho na? Uzokukholwa na? Khona-ke sukuma. Ungangabazi. EGameni likaJesu Kristu, thatha isihlalo sakho esinamasondo uye ekhaya!

²⁵³ Uyakholwa ngenhliziyu yakho yonke na? Yima ngezinyawo zakho, noma ubani ofuna ukuphulukiswa. Yima ngezinyawo zakho, futhi ukukholwe. Sukuma! Angikhathali ukuthi yini engalungile ngawe, ukuthi ukhubazekile kangakanani. Lokho akwenzi mehluko. Ngikuphonsela inselele, sukuma! Sukuma, wonke umuntu, sonke isishosha, noma ngabe ukuphi. EGameni likaJesu Kristu, yima ngezinyawo zakho futhi usindiswe! Nakho la ukhona, zonke izethameli, zimile.

²⁵⁴ Manje asiphakamisele izandla zethu kuNkulunkulu. Baba waseZulwini, Mnumzane, sithanda ukubona uJesu. Nakhu la ukhona! Akukho noyedwa obuthakathaka phakathi kwethu, wonke umuntu uphulukisiwe. SiKubonga kanjani, Baba! Manje siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzohlula udeveli ngaso sonke isikhathi manje, ukhiphe konke ukungakholwa.

²⁵⁵ Sathane, eGameni likaJesu, shiya lezizethameli, phuma lapha! Uhluliwe empini. EGameni leNkosi uJesu Kristu, kwangathi bangaphulukiswa, bonke.



SITHANDA UKUBONA UJESU ZUL62-0704
(We Would See Jesus)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesithathu kusihlwa, ngoJulayi 4, 1962, eMunicipal Auditorium eGrass Valley, eCalifornia, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org